



Keeping our Animals Healthy

Grade 6



Ukugcina Imfuyo Yethu Iphilile



Ibanga 6



Ukugcina Imfuyo Iphilile

Impilo yami emaphandleni

Animal Health Promotion

My life on the farm

The Adventures of Sipho and Nosipho 2

Ishicilelwe / Published by CAP 2011

Amalungelo okuyishicilela / Copyright © CAP

Imeneja yohlelo /Project Manager: Gugu Mbatha

Ibhalwe ngu / Written by: Deborah Ewing

Ihunyushwe ngu / Translated by: Mabusi Kgwete

Mdukatshani Rural Development Project Animal Health Promotion Programme

Ukugcina imfuyo iphilile	Ikhasi	
1. Asibuyele esikoleni nasemsebenzini	1	
2. Yisikhathi sokugoma izinkukhu	4	
3. Konke sekuyamila	6	
4. Asenzeni izidleke zezinkukhu!	9	
5. Ukuvikeleka ezifweni	12	
6. UNosipho uthola umsebenzi	15	
7. Kungani ukugoma kungonga impilo nemali	17	
8. Izinkukhu eziphephile namaqanda amakhulu	20	
9. Ukwabelana ngolwazi	23	
10. Imisebenzi yasebusika	27	
11. Hamba kahle Gogo	30	
12. Ubusika obunzima	33	
13. Yisikhathi sokusebenzisana	36	
14. Uphile kanjani isikhathi eside uogo?	39	
15. Izinkomo zamaNguni nemvula ebusika	41	
16. Amanzi amaningi	44	
17. Amanzi aphephile ngamandla elanga	47	
18. USipho uya esibhedlela	50	

Mdukatshani Rural Development Project Animal Health Promotion Programme

Animal Health Promotion	Page
1. Back to school and back to work!	1
2. Time to vaccinate chickens	4
3. Everything is growing	6
4. Let's make chicken nests!	9
5. Immunity	12
6. Nosipho gets a job	15
7. Why vaccinating can save lives and money	17
8. Safer hens and bigger eggs	20
9. Sharing what we know	23
10. Winter work	27
11. Hamba kahle Grandma	30
12. A difficult weather	33
13 Time for teamwork	36
14. How did grandma lived so long?	39
15. Nguni cattle and rain in winter	41
16. A good harvest of water	44
17. Solar power for safer water	47
18. Sipho goes to hospital	50



1. Asibuyele esikoleni nasemsebenzini!

'Sanibonani Grade 6! Uma ngabe ufunda lokhu kusho ukuthi usubuyela esikoleni! Ngiyethemba nonke nibe namaholidi amahle. Mina noSipho sibe nesikhathi esimnandi nomndeni wethu. Obekumnandi kunakhokonke ukuthi uBaba ubekhona ekhaya. Nabantu abadala bake bakhohlwa kancance izinkinga zabo. UBaba unamahlaya, ubenza wonke umuntu ahlale ehleka.

'Besingenaso isiqiniseko sokuthi sizobuyela esikoleni kulonyaka.

Niyakhumbula ukuthi uBaba waphelelwa umsebenzi ngonyaka odlule?

Wasitshela ukuthi singakhathazeki ngoba unecebo lokufuya noma lokulima kodwa izinto zabanzima noKhisimusi ungakafiki. UBaba kwakufanele athole imali yakhe emsebenzini ngesikhathi asisebenze khona kodwa wangayitholi. NoZanele wagula kwafanele ukuthi uMama amhambise esibhedlela. UXolani wathola umsebenzi ngamaholidi eThekwini kodwa kwathi eselinde itekisi yokubuyela ekhaya kwakhona umuntu owantshontsha isikhwama sakhe nomholo wakhe wonke. UBaba noMalume baba nokuphikisana okukhulu ngokudayiswa kwenkomo.'

'He Nosipho, ngangicabanga ukuthi uMalume uzohamba ngalisosikhathi! Wayekhalaza ngokuthi uBaba wamshiya unyaka wonke ethi akabheke izinkomo uma eseyabuya ufuna ukucekela phansi umsebenzi wakhe omuhle.'

'Oh Sipho, ngangicabanga ukuthi izokwenza amaholidi angabimnandi kodwa uBaba wasiqinisekisa ngecebo lakhe.'

'Yebo, uMalume ukholelwa ukuthi ukudayisa imfuyo akulungile nokuthi uma unemfuyo ungumuntu ongaswele noma ngabe awunakho ukudla.'

'Sonke isikhathi uBaba ayethumela ngaso imali yokudla ekhaya, uMalume



1. Back to school, back to work!



'Hi there Grade 6! I guess if you are reading this, you are back at school! Hope you all had a great holiday. Sipho and I had a really happy time with our family. The best part was having our dad home. Even the grownups forgot about their problems for a while. Our Dad is quite a joker and he kept everyone laughing.

'We were not sure we would be able to come back to school this year. Do you remember our Dad lost his last year? He told us not to worry and said he had plans to farm but things became tough

even before Christmas. Dad was supposed to be paid out for all the time he had worked but he did not get his money. Then Zanele was sick and Mum had to take her to hospital. Xolani went to Durban to do a holiday job but someone stole his bag, with his wages in, when he was waiting for the taxi to come home. Then Dad and Uncle had a big argument about selling our bull.'

'Hey Nosipho, I thought Uncle was going to leave over that one! He complained that Dad left him to look after the cattle all year and then came back to mess up all his good work.'

'Oh Sipho, I thought it was going to spoil the whole holiday but Dad convinced everyone about his plan.'

'Yes, Uncle believes that selling any livestock is wrong and that if you have animals you are rich, even if you have no food.'

'Well all the time that Dad was sending money home for food, Uncle could sit in the sun and admire the cattle!'

'Ha ha, but Sipho, even Granny was worried about Dad 's plan.'

'Well it turned up to be a great idea. Selling the bull brought enough money for food and for Dad to buy some tools and seed. Dad even

Phenya ikhasi! Turn the page

wayehlala elangeni ebuke izinkomo.
'Ha ha, kodwa Sipho, noGogo
wayekhathazekile ngecebo likaBaba.'
'Kodwa kwabonakala ukuthi lihle
kakulu. Ukudayiswa kwenkomo
kwaletsa imali eyenele yokuthenga
ukudla, imbewu kanye namathuluzi.
UBaba wakwazi nokubeka imali
yokuthenga izimpahla zesikole.
Okufanele sikwenze manje,
ukuqiniseka ukuthi icebo likaBaba
lokulima noma ukufuya
liyaphumelela. Bheka, nanguya
uBaba!'

'Sanibonani zingane, bekunjani
esikoleni?'

'Sawubona, Baba. Bekumnandi.
Uthisha wethu omusha unomoya
omuhle. Akanayo ngisho induku!'

'Belunjani usuku lwakho, Baba?'

'Ngibuya kwaBab' uZondi.

Niyakhumbula ukuthi wathenga

inkomo? Kuthe ngemuva

kokuyihlaba wangasidayisi isikhumba

- indodana yakhe kade ifunda ukuthi

sishukwa kanjani isikhumba. Kade

engitshela ngezindlela zokwenza inani

lesikhumba likhuphuke ngokuthi wenze izinto zesikhumba ongazidayisa.

Ngizobuyela khona kusasa ukuthola olunye ulwazi. Asihambeni siye

ekhaya manje khona nizokwenza imisebenzi yenu yasekhaya neyesikole

kungaze kuhlwe.

'Asinawo umsebenzi wesikole namhlanje, Baba.'

'Shh! Nosipho, sizonikezwa imisebenzi eminingi yasekhaya!'



Photo/Isithombe: www.hubit.co.za

saved money for our uniforms and stationery. Now we have to make sure the farming plan is a success. look, there's Dad!

'Hello children, how was school?'

'Hello, Dad. It was fine. Our new teacher is very nice. She doesn't even have a stick!'

'How was your day, Dad?'

'I have just come from Baba Zondi's place. Remember, he bought the bull? Well, after he slaughtered it, he didn't sell the hide - his son has been learning how to tan. He was telling me how you can increase the value of the hide and make all sorts of things to sell if you can tan leather. I'm going back tomorrow to find out more. Now, let's go home so that you can do your chores and homework before it get dark.'

'There's no homework today

Dad.'

'Shh! Nosipho, we'll get more chores to do!'

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

1. Babeyidingela ukwenzani imali oNosipho benoSipho?
2. Yini eyenziwa yimindeni uma engekho imali eyenele yezidingo zezingane zesikole?
3. Ucabanga ukuthi yini eyadala impikiswano ngesikhathi uBaba wezingane ethi makudayiswe inkunzi?
4. Yiziphi izizathu ezibalulekile ezingenza abantu badayise inkunzi noma inkomazi?
5. Uma umuntu ethenga inkunzi noma inkomazi lapha endaweni, yibuphi ubufakazi abanabo ukuthi ngeyabo ngempela, ayintshontshwanga?

Umsebenzi wasekhaya:

Khuluma nomndeni wakho noma abantu abadala endaweni ukuthola ukuthi:

1. Kungabe ibiza inani elingakanani inkunzi?
2. Kungabe ibiza inani elingakanani inkomazi?
3. Kungabe isikhumba siyinani elingakanani?
4. Kungabe siyinani elingakanani isikhumba esishukiwe?
5. Zilungiselele ukusitshela ngokutholile ngesonto elizayo.

Discussion

Let's discuss the story

1. What did Nosipho and Sipho need money for?
2. What do families usually do if they don't have enough money for children's school needs?
3. What do you think caused an argument when the children's father suggested selling a bull?
4. What are the main reasons that people would sell a bull or a cow?
5. If someone buys a bull or cow in this area, what proof do they have that it is theirs and has not been stolen?

Homework:

Speak to your family or older people in your neighbourhood to find out:

1. What is the cost of a bull?
2. What is the cost of a cow?
3. What is the cost of a hide?
4. What is the cost of a hide if it has been tanned?
5. Be ready to tell us what you find out next week.

2. Yisikhathi sokugoma izinkukhu!

Sanibonani futhi bangane. Kunjani esikoleni? Kungcono okwamanje ngoba asikabi nawo umsebenzi omningi wesikole. Kusilungele lokhu sinoSipho ngoba uBaba unamacebo amakhulu afuna simsize kuwo.

‘Nosipho, ucabanga ukuthi lamacebo azosebenza? UBaba ufuna ukutshala amabhece kodwa abantu ngeke bawathenge!’

‘Ngiyazi Sipho, kodwa uBaba uzopha nomakhelwane lena ngenye yezindlela zokwakha ubudlelwane! Nginesiqiniseko sokuthi uyayazi into ayenzayo. Nathi sizotshala amaphuzi, amabele, umbila kanye nobhontshisi abantu abaningi bayakudinga. Uma sebenesivuno esihle sizokwazi ukudayisa esingakudingi.’

‘Uyazi Nosipho, uBaba unelinye icebo engingalazi...Uthi iNkosi igqugquzela wonke amadoda nabafana ukuthi basokwe. Uhulumeni uthi lokhu kwehlisa izinga lokutheleleka nge -HIV.’

‘Hawu, Sipho! Akufanele ukhulume ngalezozinto phambi kwamantombazane! Futhi uzoyithola kanjani i-HIV? Uneminyaka ewu-14 awukakabi nayo ngisho intombi!’

‘Nosipho, abafana basokelwa ukuthi bahlale bephilile, akuyona imfihlo njengoba namaXhosa eya ehlathini. Kuthiwa kungcono ukusokwa usemncane kodwa ngiyesaba futhi angazi ngingakhuluma nobani. UBaba uthi angikwenze.’

‘Kulungile-ke, uma kungeyona imfihlo yini ungakhulumi noMama? Wazi okuningi nge-HIV njengoba ebheka uZanele. Angakusiza uthole olunye ulwazi.’ ‘Yebo, ngicabanga kanjalo. Asihambe siyosiza uBaba noMalume ngokulima.’



2. Time to vaccinate chickens!

‘Hello again, friends. How is school? At least we don’t have too much homework yet. That is good for Sipho and me because Dad has big plans that he wants us to help with.’

‘Nosipho, do you think those plans will work? Dad wants to grow pig melon but people won’t buy that!’

‘I know Sipho; Dad will share them with the neighbours - it’s a good way to build relationships! I’m sure he knows what he is doing. We are also going to grow pumpkins, sorghum, mealies and beans, and everyone

needs those. If we have good crops, we will be able to sell what we don’t need.’

‘You know, Nosipho, Dad has another plan I am not sure about... He says the King is advising all boys and men to get circumcised. The government says it helps to reduce the risk of men catching HIV.’

‘Hawu, Sipho! You shouldn’t talk about things like that in front of girls!’

‘And anyway, how are you going to get HIV? You are only 14 and you don’t even have a girlfriend!’

‘Nosipho, boys are being circumcised for their health, it’s not a secret thing like the Xhosas going to the mountain. They say it’s better to do it young but I’m scared and I don’t know who to talk to. Dad just says I must do it.’

‘OK, well if it’s not secret, why don’t you talk to Mum? She knows all about HIV from looking after Zanele. She could help you find out more.’

‘Yes, I guess so. Let’s go and help Dad and uncle get the fields ready.’



‘Sipho, angikwazi ukuya manje. Lesikhathi sonyaka yilapho kubakhona upokisi wezinkukhu, angeke sikwazi ukulahlekelwa yizinkukhu.

‘SinoGogo kufanele sizigome futhi kufanele ngiwulungise.’

‘Kulungile, ngizobuye ngikubone.’



‘Sipho, I can’t come now. This is the time of year when there is usually an outbreak of fowl pox and we can’t afford to lose any of our chickens.

‘Granny and I are going to vaccinate them all and I have to get the vaccine ready.’

‘OK, I’ll see you later.’

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Yini oyikhumbulayo ngomgomo?

Kungumsebenzi kabani ukugoma izinkukhu ekhaya?

Kungabe uyakwazi yini ukugoma izinkukhu?

Yini osuke wayizwa mayelana nokusokelwa ukwehlisa izinga le-HIV ebafaneni nasemadodeni?

Yiziphi ezinye izinto esingazenza ukuvikela i-HIV?

Umsebenzi wasekhaya:

Buza ilunga lomndeni noma umakhelwane wakho ngokugoma izinkukhu ukuvikela upokisi wezinkukhu. Dweba noma ubhale izindlela ezilandelayo khona uzokwazi ukusitshela ngesonto elizayo.

Discussion

Let’s discuss the story

What can you remember about vaccination?

Who is responsible for vaccinating chickens at your home?

Do you know how to do it?

What have you heard about boys and men being circumcised to reduce the risk of HIV?

What are other things we can do to prevent HIV?

Homework:

Ask a family member or neighbour about vaccinating chickens to prevent fowl pox. Do drawings or make notes of each step in the process so that you can tell us next week.

3. Konke sekuyamila

'Sanibonani futhi. Yimina uNosipho. Ngiyajabula ukunazisa ukuthi sengizigome zonke izinkukhu zethu! Kufanele ngabe kade sakwenza kodwa besingenayo imali yokuyothenga izinaliti edolobheni. UGogo uthi babejwayele ukusebenzisa izipeletu ukuhlaba inkukhu kodwa kungcono ukuba nezinaliti. Umgomo uqukuthe igciwane likapokisi wezinkukhu kanye nokokuwelapha. Kufanele uwugcine ubanda noma angeke usebenze thina sisebenzisa isikhwama esigcina izinto zibanda. Imiyalelo ithi kufanele inaliti yokugoma inkukhu ngayinye ihlanzisiswe. Okusho ukuthi kufanele uyifake emanzini abilayo imizuzu engu-20, lokhu kunzima kungashona ilanga siyothenza izinkukhu! Bekufanele ngenze isikalo esingu 2ml somgomo ohlanganisiwe inkukhu ngayinye bese ngiyakulahla okusele. UGogo uthi kudala abantu babekwazi ukugoma izinkukhu ngaphandle kwalemithi esikhona manje. Babesebenzisa i-ayodini (isithako semvelo eselaphayo) abanye abantu basawusebenzisa upholishi wezicathulo ngoba une-ayodini! Sipho, ungangisiza ngokuchelela ummbila?'

'Nosipho, sengimdala ukuthi ngingaya kokha amanzi!'

'Hawu Sipho, sazalwa ngosuku olulodwa nje. Ungaba kanjani mdala kakhulu kunami?'

'Abanye abafana bayeka ukukha amanzi besebancane kunami.'

'Phela bona abanabo odadewabo ababasiza ngezimbuzi nangomsebenzi wesikole. Sengiwa khile amanzi wena nje ukuthi uze ensimini.'

'Kulungile... Bheka, ummbila namabele kukhula ngokushesha. Kwakuwumsebenzi onzima ukuhlakula nokususa wonke amatshe. Ngangicabanga ukuthi sasingeke sikwazi ukutshala lutho!'



3. Everything is growing!

'Hello again. It's Nosipho here. I am very happy to tell you that I have vaccinated all our fowls! We should have done it before but we didn't have money to go to town and buy needles. Granny says they used to use a safety pin to prick the chicken's skin but it's better to have needles. The vaccine contains the fowl pox virus and an antibiotic. You have to keep it cold or it won't work so we use a cooler bag. The instructions say you must sterilise the needle for every bird. That means putting it in boiling water for 20 minutes each time, which is impossible - we'd have to spend all day fetching firewood! I had to measure 2ml of the diluted

vaccine for each bird and then throw away what was left. Granny says in the old days people managed without these modern chemicals. They used iodine - some people even now use shoe polish because that has iodine in! Will you help water the mealies now, Sipho?'

'Nosipho, I am too old to fetch water!'

'Hawu Sipho, we were born on the same day. How can you be too old if I am not?'

'Other boys stop fetching water before they are my age.'

'Well they don't have sisters to help with the goats and homework. Anyway, I fetched water so you just have to come to the field.'

'OK... Look, the mealies are growing quickly, and so is the sorghum. It was such hard work hoeing and taking all the stones out of the ground. I thought we would never be able to plant anything!'

'Look - the beans have started growing too! Oh no! One of your goats is eating the plants over there. Chase him, Sipho!'

Phenya ikhasi/Turn the page

'Bheka nobhontshisi usuqhumile nawo! Engabe kuzothatha isikhathi esingakanani ukuthi amathanga amile. Oh Sipho, enye yezimbuzi zakho idla izitshalo lapha. Ixoshe!'

'Hawu! Awusayiboni imbuzi yakho? Gijima kuleliyacala ukuze ingakwazi ukudlula ngapha.'

'Kube kuhle ukuthi siyibone ingakaqedi ukudla kwayo kwakusihlwa!'

'Kubeyinto inhlanhla uBaba wangayiboni!'

'Uph' uBaba?'

'Uhambise uXolani kwaNobamba. Bayobonana nomshuki wezikhumba ukubona ukuthi uXolani angaqeqeshelwa yini. UBaba uzimisele kakhulu kakhulu ngalelicebo lokushuka izikhumba. Uthi ungathola u-R1500 ngesikhumba esishukiwe nangaphezulu ngebheshu.'

'Kodwa Sipho, ibheshu ave yini lenziwa ngesikhumba sethole?'

'UBaba uthi kushiwo njalo. Kodwa akekho umuntu ongahlaba ithole ngoba efuna ukwenza ibheshu - lenziwa ngesikhumba esesilungisiwe. UXolani uzofunda ukuthi kwenziwa kanjani.'

'Kuzwakala sengathi umsebenzi onzima - angeke akuthande lokho!'

'Ha ha! Sonke sesizosebenza kanzima manje njengoba uBaba esekhona. Ngisho nomalume akasakwazi ukuthamela ilanga.'

'Sipho, ngubani lowa okubizayo?'

'Oh cha! US'thembiso - selokhu uBaba ahlanguka noBaba wakhe emhlanganweni wabalimi wamtshela ngokuthi iNkosi ifuna abesilisa basokwe uyangedelela. Uthi amabutho awakwenzi lokho. Ungibiza ngawo wonke amagama.'

'Mzibe!'



'Lombono kaBaba usuqala ukuba yinkinga. Asihambe siye ekhaya.'

'Hawu! Don't you recognise your own goat? You run that side so it can't get past us.'

'It's good we caught him before he finished his supper!'

'It's lucky Dad didn't see him!'

'Where is Dad?'

'He took Xolani to Dundee. They have gone to visit a tannery to see if Xolani can train to do tanning. Dad is serious

about his plan to tan cowhides. He says you can get R1500 for a tanned hide and more than that for ibheshu.'

'But Sipho, isn't ibheshu made from calfskin?'

'Dad says it's just called that. No one would slaughter a calf just to make ibheshu - it is made from specially prepared cowhide. Xolani is going to learn how to do it.'

'Sounds like hard work - he won't like that!'

'Ha ha! We'll all be working hard now Dad's here. Even Uncle can't sit in the sun.'

'Sipho, who is that calling you?'

'Oh no! It's S'thembiso - he has been teasing me since Dad met his father at a farmers' meeting and told him he was going to follow the King's call for men to circumcise. S'thembiso says warriors don't do that and he keeps calling me names.'

'Just ignore him!'

'This idea of Dad's is becoming a problem. Let's go home.'

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Kungani kufanele usebenzise inaliti ehlanzisiwe ukugoma inkukhu ngayinye?

Ucabangani ngokukhalaza kukaSipho ukuthi akufanele akhe amanzi?

Umsebenzi

Sizokwenza ikhasi lolwazi ngopokisi wezinkukhu. Wonke umuntu uzoletha ikhasi lakhe lomsebenzi ngezimpawu, ukuvikela kanye nokwelashwa kwalesifo.

Umsebenzi wasekhaya

Thola ulwazi ngokushukwa kwezikhumba emndenini noma komakhelwane bakho. Uma kukhona omaziyo oshuka izikhumba babuze ukuthi benzani futhi bakwenza kanjani.

Discussion

Let's discuss the story

Why should you use a sterile needle to vaccinate each chicken?

What do you think about Sipho complaining that he should not have to fetch water?

Activity

We are going to make an information sheet about fowl pox. Everyone will hand in their worksheet on the symptoms, prevention and treatment of the disease.

Homework

Find out more about tanning from your family or neighbours. If you know someone who does tanning, ask them about what they make and how they do it.

4. Asenzeni izidleke zenkukhu!

'Nosipho! NOSIPHO!

'Kwenzenjani Sipho?'

'Kade ngithi ngiyokha uhalivhoma ukuze ngakhe izidleke zezinkukhu manje awusekho uphelile. Ungakwazi ukwenza

loluyahlobo lwakho lwezidleke zokuzalela izinkukhu ngomhlanga?

'Sengiqalile ukwakha esomhlanga kodwa ngisaphelelwe ucingo. Kufanele ngilinde umuntu ozongiphathela edolobheni. Lona loluhlobo luhle futhi lungcono kunezidleke ezathengwa ngugogo zotshani zibamanzi futhi zidale nokhuphe kodwa luthatha isikhathi eside ukulakha.'

'Sekungamakhulu eminyaka abantu bakha izidleke kodwa akekho umuntu osaqhamuke nesingabinayo inkinga yaso.

'Kwamakhelwane bathi amatshwele abo ayanyamalala. Abanasiqiniseko noma athathwa yizinyoka noma oheshe. Kufanele sicabange esingakwenza ngokushesha, Nosipho. Awucabange wena. UBaba ufuna ngimsize ngokukala nangokumba imigodi yokubiya ukuvimbela izimbuzi zingahlofozi izitshalo.'

'Icebo elihle lelo, maduze sesizoba nezimbuzi eziningi kunezinkukhu. Sinamazinyane amabili nomama uthenge isibhuzazane ngomhola kaZanele wesondlo sezintandane.'

'Yebo, ngiyazi. UMama kkwazile nokugqugquzela uMaMvelase ukuthi athengele umzukulule wakhe imbuzi. Umuntu omdala ukuphikisile lokho ethi imali uyidingela ukuthenga amaphilisi ekhanda ngoba umzukulule umfaka ingcindezi enkulu kodwa uMama uthe uzombonga uma imbuzi seyiqala ukuzala.



4. Let's make chicken nests!

'Nosipho! NOSIPHO!'

'What is the matter Sipho?'

'I went to fetch some sisal to make a chicken nest and there is none left. Can you make another one of your bamboo nests?'

'I have started one but I have run out of wire. I will have to wait for someone to bring some from town. The bamboo nests look beautiful and they are better than the grass type that Granny bought - they get wet and attract mites - but they take too long to make. People have been making

chicken nests for centuries but no one seems to have come up with a design that does not have problems.'

'Our neighbours say their new chicks are disappearing. They are not sure if they are being taken by snakes or eagles. We need to think of something quickly, Nosipho. Well, you do - Dad wants me to help him measure and dig holes for a fence to stop the goats trampling all over the crops.'

'That's a good idea - there will be more goats than chickens here soon. We have two new kids and Mum has just bought a ewe with Zanele's foster care grant.'

'Yes, I know. Mum has even persuaded MaMvelase to buy a goat for her grandson. The old lady argued that she needed the grant to buy headache pills because the child causes her so much stress but Mum said she would thank her when the goat gave birth. Are you coming with me to the fields?'



Phenya ikhasi/Turn the page

Mdukatshani Rural Development Project Animal Health Promotion Programme

Uyahamba nami ukuya emasimini?’

‘Cha, Sipho, kufanele ngiye emhlanganweni wabafuyi bezinkukhu noGogo. Sekunzima ukuthi ahambe manje uthe sekufanele kube yimina engizobheka wonke umsebenzi wezinkukhu.’

‘Mhlawumbe uzokwazi ukuqhamuka nohlobo olusha lwezidleke ongazidayisela bonke abafuyi bezinkukhu!’

‘UMama uthi kufanele ngihlale naye ukuze ngifunde ukweluka amacansi khona sizowadayisa kodwa angiboni ukuthi ngingakwazi ukuhlala phansi isikhathi eside ngenze into eyodwa ngoba ngithanda nokusiza uGogo noBaba ngokubheka imfuyo!’

‘Kulungile, sengiyahamba. Ngiyethemba sizqedela emasimini ngaphambi kokuthi kuhlwe. Ngifuna ukuyodlala ibhola.’

‘Ngikufisela inhlanhla - uyamazi uBaba ukuthi unjani, uzobe esamba noma sekumnyama!’

Ukukhulisa izinkukhu nezimbuzi, ukwenza icansi, ubuhlalu, ukulima bese udayisa, ukwenza imisebenzi ngesikhumba, nokugaya utshwala ngezinye zezindlela abantu basezindaweni ezingamakhaya abenza ngazo imali.

(Izithombe: Deborah Ewing noRauri Alcock)



‘No, Sipho, I have to go to a chicken farmers’ meeting with grandma. She is finding it hard to walk around now and she says I must take responsibility for the chickens now.’

‘Well maybe you can invent a new chicken nest and sell it to all the other farmers!’

‘Mum says I should stay with her and learn to make icansi to sell but I cannot bear sitting still for so long!’

‘OK, I’m leaving. I hope we finish in the fields before it’s dark. I want to play soccer.’

‘Good luck - you know how Dad is, he will still be digging in the dark!’

Raising chickens and goats, making grass sleeping mats, making beads, growing crops for sale, doing leatherwork and brewing beer are some of the ways that people in rural areas earn an income.

(Photos: Deborah Ewing and Rauri Alcock)

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Kungani uSipho ebekhathazekile ngokuthola izidleke ezintsha zezinkukhu?

Ucabanga ukuthi yimaphi amaphuzu amahle noma amabi okuthi uMama asebenzise imali yesondlo sikahulumeni sezingane ukuthengela izingane izimbuzi?

Uma ucabanga yiziphi izindlela ongazisebenzisa ukuthola imali ngezolimo noma ngokusebenzisa izinto zemvelo?

Ekufanele sikwenze nomsebenzi wasekhaya

Wina umklomelo! Ekufanele ukwenze kuleliviki kanye nomsebenzi wasekhaya kuzoba umncintiswano. Ukuze uwine kufanele udwebe izidleke zezinkukhu ezishaya zonke ezinye emakhanda. Sebenzisa izithombe nemiyalelo esekhasini elilandelayo ukuze ukwazi ukucabanga ngohlobo lwesidleke ozosidweba. Yenza umdwebo wakho bese uwuletha ngesonto elizayo.

Discussion

Let's discuss the story

Why was Sipho so worried about getting new chicken nests?

What do you think are the good points or bad points about Mum using the Child Support Grant to buy the children goats?

What ways can you think of to earn a living from agriculture or by using natural resources?

Activity and homework

Win a prize! This week's activity and homework is a competition. To win, you need to design the best chicken nest. Use the pictures and instructions on the next page to help you think about your design. Make a drawing of your nest design to bring next week.

5. Ukuvikeleka ezifweni

'Nosipho, kungabe kuyini lokho?'

'Uhlobo olusha lwesidleke sezinkukhu engilakhile, Sipho.'

'Asibukeki njengesidleke sezinkukhu, kubukeka sengathi ithoyilethi!'

'Uwena wedwa ongacabanga lokho Sipho. Lapha kuhlala inkukhu kanti lapha yilapho ingena khona ngaphakathi. Isivalo siyavuleka khona uzokwazi ukusihlanza futhi ungakwazi ukusibeka egatsheni lesihlahla ngalokhu ukuze izinyoka zingakwazi ukuthola amatshwele.'

'Kodwa sisabukeka njengethoyilethi!'

'Kush' ukuthi awusifuni?'

'Angishongo kanjalo. Uma sisebenza ungangakhela nami.'

'Mhlawumbe. Bheka! Kungabe uZanele uyiphani imbuzi yakhe?'

'Ha ha, kubukeka sengathi upholoni! Zanele, wenzani?'

'Ngipha imbuzi ukudla.'

'Kodwa Zanele izimbuzi aziyidli inyama, ziyizilwane ezidla utshani nezihlahla, zidla amaqabunga nemixhantela yesihlahla emisha. Ubungawudli ngani?'

'Angilambanga, Isisu sibuhlungu.'

'Bheka Sipho, uyajuluka. Kungcono ngimhambise kuMama.'

'Kulungile. Okuseqinisweni, imbuzi ayibukeki iphilile nayo. Bheka indlela ejomba ngayo. Ngiyethemba ayinawo umqhaqhazelo.'



5. Immunity

'Nosipho, whatever is that?'

'It's a new type of chicken nest I have designed, Sipho.'

'It doesn't look like a chicken nest - it looks more like a toilet!'

'Only you would think of that, Sipho. This is where the hen sits and this hole is where it goes inside. The lid comes off so you can clean it and you can fix it to the branch of a tree with this, so that snakes won't get the chicks.'

'Well it still looks like a toilet!'

'You don't want one, then?'

'I didn't say that. If it works, you can make me one.'

'Maybe. Hey, look! What is Zanele giving her goat?'

'Ha ha, it looks like polony! Zanele, what are you doing?'

'Feeding goat.'

'But Zanele, goats don't eat meat, they are herbivores, they only eat shoots and leaves. Why didn't you eat it?'

'Not hungry. Tummy sore.'

'Sipho, look, she is sweating. I had better take her in to Mum.'

'OK. In fact, the goat doesn't look well either. Look at the way it is jumping around. I hope it hasn't got heartwater'



Phenya ikhasi/Turn the page

‘Angiboni ukuthi umqhaqhazelo Sipho. Izimbuzi zethu zonke zizalelwe kulendawo ngeke zingenwe yiwo. Awukawadiphi amazinyane, angithi?’

‘Cha, Nosipho yini?’

‘Ngoba amazinyane kanye namathole kudinga amakhizane ambalwa ukuze imizimba yawo ikwazi ukungangenwa umqhaqhazelo. Ukulunywa amakhizane analesifo kufana nomgomo. Kwenza amasosha omzimba ezimbuzi akwazi ukulwa nokutheleleka. Oh, uZanele uyaqhaqhazela manje. Ngizomhambisa manje.’

‘Kulungile. Oh, cha nanguya uS’tthembiso esangweni. Engabe ufunani. Hey, S’tthembiso.’

‘Hey Sipho, uBaba ungithume ucingo oludingwa uBaba wakho ukuqedela uthango.’

‘Ok, siyabonga, ungangena.’

‘Nalu. Sipho, ubani leyantombazane enhle?’

‘Leya? Akuyona intombazane, udadewethu!’

‘Ha ha, Ok Sipho, ngikhohliwe ukuthi usengumfana omncane. Konje, uyanini esibhedlela ukuze usokwe khona uzoba indoda?’

‘Khohlwa S’tthembiso. Ngizomazisa uBaba ukuthi ululethile ucingo. Nginomsebenzi ekufanele ngiwenze.’

‘OK, ngiyahamba. Utshale udadewenu ngiyambingelela.’



The pumpkin and mealies are growing well. The twins’ father is fencing his vegetable fields to keep out the goats. How much wire will he need for the field that is 50 metres x 45 metres.

Umbila namathanga kukhula kahle. UBaba woNosipho ubiyela isivande semifino ukugcina izimbuzi ngaphandle. Uzodinga ucingo olungakanani ngensimu engamamitha angu 50 x 45

‘I don’t think it’s heartwater, Sipho. All our goats were born in this area so they should be immune. You haven’t dipped the young ones, have you?’

‘No, why Nosipho?’

‘Because young kids, and calves, need a few ticks on them to build up their immunity to heartwater. Getting a few bites from infected ticks is like a vaccine. It makes the goat’s immune system fight off the infection. Oh dear, Zanele is shivering now. I’ll take her in.’

‘All right. Oh, no, there is S’tthembiso at the gate, I wonder what he wants. Hey, S’tthembiso!’

‘Hey Sipho, my Dad sent me with the wire your father needed to finish the fence.’

‘OK, thanks, you can bring it in.’

‘Here you are. So, Sipho, who is that pretty girl?’

‘Her? That’s not a girl, that’s my sister!’

‘Ha ha, OK Sipho, I forgot you are still a small boy. By the way, when are you off to hospital to get circumcised so you can be a man?’

‘Just forget it Sthembiso. I’ll tell my father you brought the wire. I have work to do.’

‘OK, I’m going. Tell your sister I said hello.’

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Ungakwazi ukusho izilwane ezidla utshani nezihlahla?

Sibizwa ngani isilwane esidla inyama?

Kungani uSipho wacabanga ukuthi imbuzi inomqhaqhazelo?

Kungani uNosipho ekhathazekile uZanele engaphilanga?

Umsebenzi wasekhaya

Kungabe uhamba kanjani umncintiswano wezidleke zezinkukhu? Uma ubona ukuthi uyehluleke ungasebenzisana nomngane, uma niwina niyokwabelana ngomklomelo.

Discussions

Let's discuss the story

Can you list herbivores?

What do we call an animal that eats meat?

Why did Sipho think the goat had heartwater?

Why is Nosipho worried about Zanele looking unwell?

Activity and homework

How is the chicken nest competition going? If you are finding it difficult, you could team up with a friend, then if you win, you can share the prize.

6. UNosipho uthola umsebenzi

“Sanibonani nonke, yimi uNosipho. Sengilijahile iPhasika kanye neholidi elide losuku lweNkululeko kanye nosuku lwaBasebenzi. Kade kumatasa lapha.

‘Usakhumbula ngesonto eledlule, uZanele egula? Samhambisa esibhedlela. Udokotela wathi kukhona umshanguzo wengculazi ongamphathi kahle uZanele usewushintshile lowomshanguzo futhi usengconywa. Uthe uMama wenze kahle ngokuhambisa uZanele kuye angamelapheli ekhaya ngaphandle kokuhlolwa. Ngoba phela imithi yesintu (izimbiza) azihambisani kahle nemishanguzo yengculazi.

‘UGogo uthi imithi yesintu ingcono kunemithi yesilungu kodwa ngicabanga ukuthi yonke iyasiza ngezindlela ezahlukene. Isibonelo, kwezinye izindawo abantu basebenzisa imithi yesintu ukwelapha umbendeni kodwa uma ungenayo yona ungasebenzisa ama-anti-biotics. Siphoh! Uyaphi?’

‘Sawubona Nosipho, ngiyosiza uBaba ngokubiyela. UXolani akekho ukaNobamba uzohamba inyanga yonke uyofunda ukushuka izikhumba. Wenzani?’

‘Ngisaya kwaMaMkhize ngiyomgomela izikhukhukazi zakhe upokisi. Akakwazi ukuzibambela izinkukhu futhi akanayo ingane engamsiza ekhaya. UMaMkhize utshele uGogo ukuthi uma ngingamgomela izinkukhu zakhe uzonginika inkukhu. Bekufanele ngikwenze ngesonto eledlule kodwa kwadingeka ukuthi silinde amatshwele aze abe namasonto amathathu ubudala.’



6. Nosipho gets a job



“Hello everyone, it’s Nosipho. I am looking forward to Easter and the long holiday for Freedom Day and Workers’ Day. It has been so busy here.

‘Do you remember last week, Zanele was sick? We took her to the hospital. The doctor said Zanele was having an allergic reaction to one of her anti-retroviral medicines. He has changed the medicine and Zanele seems a bit better. He said Mum was right to bring Zanele to him and not to treat her at home without checking.

That’s because herbs and ARVs can interfere with each other.

‘Grandma says traditional medicines are better than modern medicines but I think they both help in different ways. For example, in some places people use herbs to treat heartwater but if you don’t have those herbs you can use anti-biotics. Hey, Siphoh! Where are you going?’

‘Hi Nosipho, I am going to help Dad with the fence. Xolani is away in Dundee for the whole month learning how to tan cowhides. What are you doing?’

‘I am going to MaMkhize’s house to vaccinate her hens against fowlpox. She can’t easily catch the chickens and she doesn’t have any children at home to help. MaMkhize told Grandma at the farmers’ meeting that she would give me a chicken if I did the vaccinations for her. I was going to do it last week but we had to wait until the smallest chicks were at least 3 weeks old.

‘Phenya ikhasi/Turn the page

‘Uzimisele ngempela ngokuba udokotela wezilwane. Uzodinga amakhadi okuzidayisa maduze!’

‘Hawu! Kufanele ngithole iziqu kuqala. Ngizophumelela ngamalengiso kwiNatural Sciences, nakwiMaths kanye neEMS ukuze ngikwazi ukufunda Ezolimo kumabanga aphezulu esikoleni (High School) bese ngiya eKolishi. Wena uzokwenzani?’

‘Mina? Ngizoba ngumdlali webhola okhokhelwayo. Khona ngizokwazi ukukhokhela abantu ukubheka izilwane nokulungisa ucingo!’

‘Ngikufisela inhlanhla ngalokho. Kungcono uhambe uyolungisa ucingo jengamanje khona ozokwazi ukuthola isikhathi sokuzilolonga ebholeningaphambi kokudla kwakusihlwa.’

**Lelikhinzane libanga umbendeni.
Ezingxenyeni eziningi eNingizimu
Afrika, abalimi basebenzisa imithi
yomdabu ukwelapha izifo.
Lingelashwa nangama anti-biotics.
Njengazonke izifo, ukuvikela
kungcono kunokwelapha.**

‘So you are serious about becoming a vet then. You will need some business cards soon!’

‘Hawu! I have to get qualified first. I am going to get top marks in Natural Sciences and Maths and EMS so that I can study Agriculture at High School and then go to college. What about you?’

‘Me? I am going to be a professional soccer player. Then I can pay people to look after my animals and fix fences!’

‘Well good luck with that. You had better go and fix the fence now so you will still have time to practice soccer before supper.’



**The bont tick causes heartwater.
In several parts of South Africa,
farmers use traditional medicinal
plants to treat the disease. It can
also be treated with anti-biotics.
Like all diseases, prevention is
better than cure.**

7. Kungani ukugoma kungonga impilo nemali

'Hey, siyanemukela futhi! Kungabe nibe noGudi omuhle? Mina noSipho sibe nesikhathi esimnandi nabangane bethu. Manje sekuyisikhathi sokubuyela emsebenzini wethu. Njengoba nibona izolo ebusuku bengimatasana ngenxa umsebenzi wesikole kodwa uSipho ubefunda iphephandaba.'

'Hawu, Nosipho, kodwa ngigcine ngiweziwe umsebenzi wami wesikole!'

'Kufanele ukuthi uhlakaniphe kakhulu ukuwenza ngamaminithi awu-5 ngaphambi kokungena kwesikole!'

'Bengikhathele. Khumbula, izolo bengisiza uBaba noMalume ngezikhumba. Ngaphesheya komfula, kukhona izinkomo ezibulewe umkhonywana, uBaba wasethengela uXolani izikhumba ezimbili zokushuka. Bekufanele sisize ekuzihlanzeni nasekuzilungiseleni. UMalume ubuze umnikazi wezinkomo ukuthi kungani engazigomelanga umkhonywana nge-Blanthrax. Umuntu omdala uthe kubiza kakhulu futhi yena akakaze esikhathini esingaphambili alahlekelwe yinkomo ngalendlela. UBaba umchazelile ukuthi umkhonywana usabalaka kanjani wamtshela ukuthi ashise ingcuba ukuvikela ezinye izinkomo ekuthelelekeni.'

'Abantu abaningi bathi kuyabiza ukugoma kodwa uma ulahlekelwa yinkomo noma imbuzi, lokho ukulahlelwa okukhulu kunenani lomgomo. UBaba uthi abanye abantu bayawuthenga umgomo kodwa banike izilwane isikali esincane ukonga imali. Uma unganikezi isikalo esifanele umgomo awusebenzi.'

7. Why vaccinating can save lives and money



'Hey, welcome back! Did you have a good Easter holiday? Sipho and I had a great time with our friends. Now it's back to our work. As you can see, I was busy with homework last night but Sipho was reading the newspaper.'

'Hawu, Nosipho, I still did my homework!'

'Well, you must be very clever to do it in 5 minutes before school!'

'I was just tired. Remember, I was helping Dad and Uncle with the hides yesterday. Some cattle died across the river from black quarter, and Dad

bought two hides for Xolani to tan. We had to help clean them and prepare them. Uncle asked the owner why he didn't vaccinate the cattle against black quarter with Blanthrax. The old man said it was too expensive and he had never lost cattle like that before. Dad explained how black quarter is spread and told the owner he must burn the carcasses to stop other cattle getting infected.'

'Lots of people say it is too expensive to vaccinate but if you lose a cow, or even a goat, that is a much bigger loss than the price of the vaccine. Dad says that some people buy the vaccine but try to save money by giving each animal a small dose. If you don't give the correct dose, the vaccine won't work.'

Phenya ikhasi/Turn the page

‘UMama uthi abanye abantu abawuphuzi umuthi ngendlela efanele uma begula. Kufanele aqinisekise ukuthi uZanele uthatha isikalo esifanele sama-ARV ngesikhathi esifanele nsuku zonke, uma kungenjalo angangasebenzi kahle.’

‘Ngizwe omunye wesifazane emhlanganweni wabalimi etshela uGogo ukuthi umyeni wakhe usebenzisa ama-ARV akhe ngoba akafuni abantu bazi ukuthi une-HIV. UGogo uthe lokho kusho ukuthi akekho kubona ozobangcono! Lokho kungikhumbuza ukuthi abangane ababili baGogo bafuna ngibagomele amatshwele abo, upokisi... lthi ngihambe manje. Ngizobuye ngikubone.’

‘OK, ngizokubona Nosipho!’



Mom is giving Zanele her ARVs
UMama unika uZanele ama-ARV akhe

‘Mum says that some people don’t take the right dose of medicine when they are sick. She has to make sure that Zanele takes the right amount of ARVs at the right time every day, otherwise they might not work well.’

‘I heard a woman at the farmers’ meeting telling Granny that her husband shares her ARVs because he doesn’t want anyone to know he has HIV. Granny says that means neither of them will get better! That reminds me, two of Granny’s friends want me to vaccinate their chicks against fowlpox...I had better go now. See you later.’

‘OK, see you, Nosipho!’

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Kungani ubaba watshela umnikazi wezinkomo ukuthi ashise ingcube?

Kubaluleke ngani ukunika isikalo esifanele somgomo noma somuthi?

Kungani abanye abantu bengathandi ukwaziwa uma bene-HIV?

Umsebenzi wasekhaya

Buza umndeni wakho noma umakhelwane ukuthi bayakwazi yini ukugoma noma ukwelapha umkhonywana. Sitshale ngokutholile ngesonto elizayo.

Discussion

Let's discuss the story

Why did dad tell the owner of the dead cattle to burn the carcasses?

Why is it important to give a correct dose of vaccine or medicines?

Why some people don't want their HIV status to be known?

Activity and homework

Ask your family or a neighbour if they know how to vaccinate or treat for black quarter. Tell us what you find out next week.

8. Izinkukhu eziphephile namaqanda amakhulu!

'Sanibonani nonke. Besesijahile ukunikhombisa izidleke zezinkukhu zethu ezintsha. Ngize ngasithola isikhathi esenele sokuqoqa umhlanga ukuze ngiziqedele noBaba wanginika uringo olwasala ngesikhathi ebiyela ukuze ngizihlanganise.'

'Nosipho, kufanele ngivume, wenze umsebenzi oncomekayo. Selokhu saqala ukusebenzisa lezidleke, asisenayo inkinga ngezinyoka futhi sesithola namaqanda amaningi.'

'Ngiyabonga Sipho. Yebo sesithola amaqanda amaningi. Asikalahlekelwa izinkukhu ngenxa kapokisi kulonyaka njengoba sazigoma, sesinezinkukhu ezizalelayo ezingu 40 manje. Okuseqinisweni, zingu 41 ngoba umngane kagogo wanginika eyodwa ngemuva kokumgomela amatshwele ngesonto eledlule. Wathi umakhelwane wakhe walahlekelwa amatshwele ngoba akawagomanga ngendlela. Kubalulekile ukusebenzisa umjovo, inaliti efanele bese ujova ngesikalo esifanele somgomo. Ngicela omunye abame inkukhu, bese ngiyijova ethangeni ngesikalo esingu 3mm ngiyifake kancane inaliti. Kulula futhi inkukhu uyigoma kanye empilweni yayo.'

'Asihambise lamaqanda endlini. Ngiyawathanda amaqanda - ngiyethemba umama uzosivumela ukuthi senze ama-pancakes. Amaqanda asinika amaphrotheyni ukusiza ekukhuleni kwezingane, ikakhulukazi izingane ezifana noZanele ekufanele ziqine emzimbeni. Futhi amunandi kakhulu kuma-pancakes!'



8. Safer hens and bigger eggs!

'Hello everyone. We couldn't wait to show you this picture of our new chicken nest. I finally found time to collect enough bamboo to finish it and Dad gave me some of the wire that was left from the fencing to fix it together.'

'Nosipho, you did a great job, I have to admit. Since we have been using this nest, we haven't had any problems with snakes and we are getting so many eggs.'

'Thanks, Sipho. Yes, we are getting a lot of eggs. We have not lost any hens to fowlpox since we vaccinated this year, so

we have 40 laying hens now. Actually, it's 41 because one of granny's friends gave me a hen in return for vaccinating her chicks last week. She said her neighbour lost all her chicks because she didn't vaccinate properly. It's very important to use the right size syringe and needle and inject exactly the right amount of vaccine. I get someone to hold the bird, then I put the needle in its thigh, only about 3mm, and I push the syringe slowly. It's easy and you only have to vaccinate each bird once in its life.'

'Let's take these eggs inside. I love eggs - I hope Mum will let us make pancakes. Eggs provide a lot of protein so they help children grow, especially children like Zanele who needs to get stronger. And they taste much better in pancakes!'

Phenya ikhasi/Turn the page

Mdukatshani Rural Development Project Animal Health Promotion Programme

'Izinkukhu zethu lapha endaweni. yizo ezizalela amaqanda amakhulu ukudlula eziningi. Yingoba sizinika ummbila azigijimi yonke indawo ukufuna ukudla. Ngithanda ukuwadla ebilisiwe nosawoti uma esafudumele.'

'Kulungile, asingene - uyangilambisa ke manje.'

'Hawu, uBaba uphetheni?'

'Sanibonani bantwana. Bhekani ukuthi uXolani wakheni - ihawu kanye nebheshe lakhe lokuqala. Akukubi! Sizokwazi ukuzidayisa ukuze sisebenzise ingxenye yemali ukuthenga ezinye izikhumba. Kukhona umsebenzi kaBab' Mchunu kulempelasonto. Uvumile ukusidayisela isikhumba sembutzi nesenkomo ngo R100. Uma sisebenzisa izikhumba ukwakha amabheshu, sizothola imali ephindwe kaningi... Amaningi lawomaqanda eniwaphethe. Yini ningangeni endlini nipheke amanye njengamanje. Ningilethele anosawoti ngesikhathi esashisa!'

Our hens lay bigger eggs than a lot of the others around here. That's because we feed them maize and they don't have to run all over to find scraps of food. I like eating them boiled, with salt on, when they are still warm.'



Chicks should be vaccinated against fowlpox from 3 weeks of age, using a syringe and inserting a needle through the skin of the thigh.

Amatshwele kufanele agonyelwe upokisi kusukela enamasonto amathathu, kusetshenziswe umjovo onenaliti kujovwe ethangeni

'OK, let's go in - you are making me really hungry now.'

'Hey, what is Dad carrying?'

'Hello children. Look what Xolani has made - a shield and his first ibheshu. Not bad at all! We will be able to sell these and use some of the money to buy more hides. There is a ceremony [umsebenzi] happening this weekend at Baba Mchunu's place. He has agreed to sell us both a goatskin and a cowhide for R100. If we use the cowhide to make amabheshu, we will get that money back many times over...That's a lot of eggs you have. Why don't you go in and cook some right now. Bring me some with salt on while they are still hot!'

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Kungani amaqanda ebalulekile ekukhuleni kwengane?

Yini eyenza uNosipho acabanga ukuthi izinkukhu zakubo zizalela amaqanda amakhulu kunezinye? Ucabanga ukuthi uqinisile?

Kungani abantu bekhokha imali enkulu ngamabheshu?

Umsebenzi wasekhaya

Zama ukuthola ukuthi libiza malini ibheshu eMsinga, eSkebheni naseThekwini noma eGoli. Uma kukhona umehluko kumanani, ziyini izizathu zalokhu? Sitshele ngokutholile ngesonto elizayo.

Discussion

Let's discuss the story

Why are eggs good for growing children?

Why does Nosipho think the family's hens lay bigger eggs than some others? Do you think she is right?

Why will people pay a lot of money for ibheshu?

Activity and homework

Try to find out how much it costs to buy ibheshu in Msinga, in Tugela Ferry and in Durban or Johannesburg. If there is a difference in price, what are the reasons for this? Tell us what you discover next week.

9. Ukwabelana ngolwazi

'Sanibonani nonke. Umalumekazi ubezama ukuthatha isithombe sethu sinoSipho sihleli noGogo noThando kodwa bheka uSipho - ufunda iphephandaba futhi!'

'Nosipho, kade ngangithathwa izithombe! Ngaphandle kwalokho kukhona indaba ebimnandi ephepheni. Lithi bambalwa kakhulu abantu abasenza imvunulo yesintu. Kunengxoxo nendoda eyakha amabheshu namambatha. Izivakashi ziyithenga kwi-internet. Uphinde ayiqashise kulabo abazoyisebenzisa isikhashana bengafuni ukuyithenga.'

'Kufanele ulikhombise uBaba. Uthenga izikhumba ngo R50 noma ngaphansi kwalokho. Uma uXolani efunda ukwenza izingubo, amahawu kanye nezigubhu ngisho nezicathulo nezikhwama zingenza imali eyengeziwe. Wena Malume ucabangani?'

'Mhlawumbe Nosipho, kodwa isikhumba sokugcina besingesihle. Isilwane besinamathumba isikhumba simoshekile.'

'Malume, lokho kwenziwe ukuthi umnikazi wazo akazange awelaphi ngendlela amathumba. Abanye abantu bafaka izinto ezifana namanzi e-battery noma upethiloli ezilondeni. Bathi ibulala amagciwane kodwa yenza umonakalo omkhulu. Kufanele bageze amathumba ngamanzi afudumele anosawoti bese bafaka umuthi.'

'Ukufunde kuphi lokho Sipho?'



9. Sharing what we know

'Hello everyone. Our aunt was trying to take a nice picture of Sipho and me with our granny and Thando but look at Sipho - he is reading the newspaper again!'

'Nosipho, I have had my photo taken too many times! Besides, I found something very interesting in the paper. It says very few people still make traditional Zulu attire (imvunulo). There is an interview with a man who makes amabheshu and leopard skin tops (amambatha). Tourists order them on the internet. He also hires them out to people who don't want to buy them just to use once or twice.'

'You must show that to Dad. He can buy hides for R50 or less. If Xolani learns to make them into clothes, shields and drums - and even shoes and bags - they will be worth many times more. What do you think, Malume?'

'Perhaps, but the last hide was not good quality, Nosipho. The animal had suffered from abscesses (amathumba) and the skin was badly scarred.'

'That's because the owner didn't treat the abscesses correctly, Malume. Some people put things like battery acid and petrol in the wounds. They say it kills the infection but it does a lot of damage. They should clean out the abscess with warm salty water and then put antiseptic on it.'

Where did you learn so much about it, Sipho?'

Phenya ikhasi/Turn the page

Mdukatshani Rural Development Project Animal Health Promotion Programme

‘Ediphini Malume.’

‘Ngihlabeka umxhwele. Ngicabanga ukuthi enye yezinkomo zethu inethumba entanyeni. Ungakwazi ukuyibheka?’

‘Yebo Malume kodwa uNosipho wazi kangcono kunami ngezifo zezilwane.’

‘Hawu, uNosipho akakwazi ukuya esibayeni!’

‘Ngoba yini?’

‘Ngoba akuvumelekile. Amantombazane alingana naye awangeni esibayeni.’

‘Kodwa Malume, uSamke umzala wethu uyangeni esibayeni.’

‘Lokho kuhlukile.’

‘Ngoba yini, Malume?’

‘Angikwazi ukuxoxisana nani ngalezozinto. Buza uMama wakho.’

‘Yebo Malume... Malume, ngicabanga ukuthi inkomo ebomvu inethumba. Ngiyibonile emfuleni. Ineqhuma elikhulu futhi elishisayo liyakhula.’

‘Ubungangitsheli ngani?’

‘Malume, ngitshelile uXolani.’

‘Isikhathi esiningi akekho lapha. Ngokuzaya uma kukhona okubonayo, ubotshela mina.’

‘Yebo Malume, ngizokwenze njalo.’

‘At the dip Malume.’

‘Well, I am impressed. I think one of our cattle has an abscess on its neck. Will you take a look?’



‘Yes Malume but Nosipho is much better

than me with sick animals.’

‘Hawu, Nosipho cannot go into the kraal!’

‘Why not?’

‘Because it’s not allowed. Because girls her age don’t go in the kraal.’

‘But Malume, our cousin Samke goes inside the kraal.’

‘That is different.’

‘Why Malume?’

‘I’m not discussing such things with you. Ask your mother.’

‘Yes, Malume...Malume, I think the red cow does have an abscess. I saw it at the river. It has a hot, swollen lump and it is getting bigger.’

‘Well, why didn’t you tell me?’ ‘I

told Xolani, Malume.’

‘Well, he’s hardly here now. Next time you notice something wrong, you must tell me.’

Yes, Malume, I will.’

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Ucabanga ukuthi yini eyenza uMalume amangale ukuthi uSipho noNosipho bazi ngezifo zezilwane?

Yini ocabanga ukuthi abantu abadala nezingane bangafundisana yona?

Ekufanele sikwenze nomsebenzi wasekhaya

Ukwazile ukuthola ukuthi yini ama-pancakes? USipho wawadla kamngane wakhe ngaphambi kukaGudi. Ubethokozile ukusikhombisa ukuthi enziwa kanjani. Nansi indlela yokuwenza:

- 200g ka flour
- 4 wamaqanda
- 600 ml ubisi
- 30 ml (ithisipuni) lamafutha
- Ibhotele lokuthosa

Qala ngokusefa uflour esitsheni esikhulu bese uvula isikhala phakathi nendawo. Shaya amaqamba kulembobo oyivulile bese uyahlanganisa. Faka ubisi kancane ngesikhathi ukwenza inhlama ethambile. Faka amafutha ugovuze.

Beka ipani emlilweni olingene, bese ugcoba kancane ibhotela ngaphakathi epanini. Uma ipani selishisa, thela inhlama eyenele ingabi ningi kakhulu. Nyakazisa ipani ukuze kundlaleke epanini lokho okuphekayo.

Discussion

Let's discuss the story

Why do you think the uncle is surprised that Sipho and Nosipho know about animal diseases?

What do you think young people and old people can learn from each other?



Activity and homework

Did you find out what pancakes are? Sipho had some at a friend's house before Easter. He had great fun showing us how to make them. Here is a recipe:

- 200g plain flour
- 4 eggs
- 600ml milk
- 30ml (1 tablespoon) vegetable oil
- Margarine for frying

First sift the flour into a large bowl and make a well in the centre. Crack the eggs into the well and mix gradually with the flour. Beat in the milk a little at a time to make a smooth batter. Stir the oil into the batter.

Heat a frying pan over a moderate heat, and then wipe a little margarine over the inside. When the pan is hot, pour enough batter in to cover the bottom with a thin layer. Tilt the pan to move the mixture around before it cooks.

Phenya ikhasi/Turn the page

Mdukatshani Rural Development Project Animal Health Promotion Programme

Ngemuva komzuzu owodwa phendula i-pancake uyipheka kwelinye icala. Uma ipani lakho lishisa ngokwenele, i-pancake kufanele libukeke lisagolide ngaphansi futhi kubelula ukuliphendula.

Lithululele epuletini uligcine lifudumele. Yenza lokhu okungenhla ngayo yonke inhlama ukwenza ama-pancakes awu-16. Beka ama-pancakes phezu kwamanye ukuwagcina efudumele. Ungawadla ne-syrup, izithelo, inyama noma uwaconsisele ngolamula bese uvuvuzela ushukela kodwa ungawadla nanoma yingani oyithandayo!

Uma nifuye izinkukhu nezinkomo, seninawo amaqanda nobisi kufanele uthenge uflour namafutha.

Let the batter cook for about one minute. Flip the pancake over and cook the other side for a further minute. If the pan is the right temperature, the pancake should be golden underneath and easy to turn.

Transfer to a plate and keep warm. Repeat with the remaining batter to make 16 pancakes. Stack the pancakes on top of each other to keep them warm. You can eat them with sugar and lemon, syrup, fruit, mince, or anything you like!

If you keep chickens and cattle, you have eggs and milk so you only need to buy flour and oil.

10. Imisebenzi yasebusika

'Sanibonani! Ninjani kulamakhaza? Njengoba kuwubusika, mina noSipho sesisebenza noma sekumnyama! Uhlale ngaphandle kwaze kwahlwa elungisa isango lesibaya sezimbuzi. Nami bekufanele ngivuke kusemnyama ukuyoqoqa amaqanda. Izinkukhu zizalela lonke igceke. Angisitholanga isikhathi sokwenza izidleke zezinkukhu ezenele. Ezinye zilala ngephansi kwezinkuni.'

Ngokujwayelekile uGogo ovuka kuqala kunami aqoqe amaqanda kodwa uyagula. Ngilala noGogo endlini, asilali kahle ngoba uyakhwehlela ebusuku. Unayo imithi ayithola esibhedlela, simhlikihla nange-vicks esifubeni kodwa akupheli ukukhwehlela.

Sipho usakhumbula ngalesikhathi ngonyaka odlule, sahambisa izinja zethu ukuthi ziyogomela amarabi?'

'Yebo, Nosipho. Ngizwile kuthiwa aboMnyango weZilwane bakhulumeni bayeza ngesonto elizayo. Kulonyaka, akwenzekanga lutho † oluphathelele namarabi, angisiboni isidingo sokuthi siye.'


'UBaba uthi izinja kufanele zigonywe minyaka yonke. Zigonywa mahhala ngaboMnyango weZilwane kahulumeni. UBaba uzozihambisa izinja khona singeke sephule esikoleni. Kungcono ukuwavikela amarabi kunokuwelaphela.'

'Uqonde ukuthi njenge-HIV?'

'Kungcono ukuvikela noma yisiphi isifo kunokusilaphela.

Umuntu oguliswa yi-HIV njengoZanele, kufanele adle imithi impilo yakhe yonke. Umuntu ongenwa amarabi uyagula, afe. Umuntu ophethwe uvendle angakhubazeka impilo yakhe yonke.'

10. Winter work



Hello there - how are you coping with this cold weather? Now that it is winter, Sipho and I are even working in the dark! He had to stay out until evening fixing the gate to the goat enclosure. I had to get up in the dark to collect the eggs. The hens are laying eggs all over the yard. I did not have time to make enough chicken nests. Some of the hens are sheltering in the wood pile.

Grandma usually wakes up before me and fetches the eggs but she is sick. I share a room with Grandma and we do not sleep well because she coughs in the night. She has medicine from the hospital and we rub Vicks on her chest but the cough does not go away.

Sipho, do you remember this time last year, we took our dogs to be vaccinated against rabies?

Yes, Nosipho. I hear the State Vet is coming again next week. There have not been any cases of rabies all year so I don't think we need to go.



Dad says the dogs have to be vaccinated every year. The State Vet does it free of charge. Dad is going to take the dogs so that we do not miss school. It is better to prevent rabies than to treat it.

You mean like HIV?

Well, It's better to prevent any disease than to treat it. A person who gets sick because of HIV, like Zanele, has to take medication forever. A person who gets sick with rabies will die. A person who gets sick with polio can be crippled for life.

Mdukatshani Rural Development Project Animal Health Promotion Programme

'Kuhle ukuthi uBaba agome izinja. Akufanele sithathe izinto kancane. Kufanele sivikele izilwane zethu kanye nathi uqobo.'

'Yebo, uqinisile Sipho.'

'Ngijabula ukuthi ebusika akufanele sigome izimbuzi noma izinkomo, izinkukhu kuphela ekufanele zigonyelwe uvolomisa. Miningi neminye imisebenzi ekufanele yenziwe njengokubheka ukudla kwezinkomo nokulungisa uthango.'

'Kulobusika kungcono ngoba sinokudla okwenele kwezinkukhu ngoba ubaba watshala kakhulu obhekilanga, izinkukhu ziyawuthanda ubhekilanga.'

'Nami ngiyawuthanda ubhekilanga. Ngicela ungibekele.'

'Woza uzongisiza ngiwuvune khona uzodla omningi ngokuthanda kwakho!'

'Nosipho, uhleli uthola indlela yokungenza ukuthi ngihlale ngisebenza. Kulungile asihambe.'



Uncle Majozi with his dogs. He vaccinates his dogs to stop them from getting rabies. He keeps them healthy because they help him by guarding his home and hunting.

UMalume Majozi nezinja zakhe. Uyazigoma izinja zakhe ukuzigcina ziphilile ngoba ziyamsiza ngokubheka ukuphepha ekhaya lakhe kanye nangokuzingela.

'It is good that Dad is vaccinating the dogs. We must not take any chances. We must protect all our animals - and ourselves.'

'Yes, you are right, Sipho.'

'I am glad that we don't have to vaccinate the chickens or goats or cows in the winter. There are so many other jobs to do - like looking for food for the cattle and repairing the fences.'

'At least this winter we have extra food for the chickens because Dad grew so many sunflowers and the hens love sunflower seeds.'

'I like sunflower seeds too. Save some for me.'

'Come and help me harvest them - then you can eat as many as you like!'

'Nosipho, you are always finding ways to make me work. OK, let's go.'



Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Ayini amarabi?

Ungabona ngani ukuthiinja inamarabi?

Kubaluleke ngani ukuthi izinja zigomele amarabi?

Kungabe kubiza malini ukuthenga ukudla okwengeziwe kwezinkomo ebusika?

Kusiza ngani ukunika izinkukhu obhekilanga?

Ekufanele sikwenze nomsebenzi wasekhaya

Dweba ishadi (poster) lokuxwayisa abantu ngamarabi. Dweba ishadi (poster) lokuxwayisa abantu ngamarabi.

Discussion

Let's discuss the story

What is rabies?

How can you tell if a dog has rabies?

Why is it important to vaccinate dogs against rabies? How much does it cost to buy extra feed for cattle in winter? How does it help to give chickens sunflower seeds?

Activity and homework

Design a poster to warn people about rabies.

II. Hamba kahle Gogo

Sanibonani bangane. Namhlanje, mina noSipho sikhathazeke kakhulu. UGogo wethu, obesinakekela sonke futhi asifundise izinto eziningi akasekho emhlabeni.

Asikholwanga. Nganitshele ngathi ubekhwehlela futhi esekhathala kakhulu. Besicabanga ukuthi unomkhuhlane nje. Udokotela utshele uMama ukuthi amaphaphu kaGogo ubene-pneumonia. Kungaqala njengomkhuhlane, ophuma egciwaneni, elidalwa umkhunto kodwa siyingozi kakhulu. Udokotela uthe abantu abadala, izingane noma abantu asebegula bangangenwa kalula yilesisifo.

Manje silungiselela umngcwabo. U-Anti omdala uthona utshwala lwesintu. Kwenza inhliziyu yami ibe buhlungu ukubona lokhu, ngoba isikhathi esiningi bekunguGogo owenza utshwala uma kushoniwe. UMama uhlezi noMama kaXolani endlini kaGogo. Angiyanga esikoleni kodwa futhi angifuni ukuyohlala endlini kaGogo ngoba bayakhala kakhulu.

UBaba noMalume kade bephikisana mayelana nomngcwabo. UBaba ufuna ukuhlaba imbuzi manje kuthi ngemuva kwezinyanga eziyisithupha uma sekugezwa kuhlatshwe inkomo. UMalume uthi kufanele kuhlatshwe inkomo ngomngcwabo nangoDisemba kuhlatshwe enye futhi.

Naba sebeza, basaphikisana

II. Hamba kahle Grandma

Hello friends. Sipho and I are very, very sad today. Our grandma, who has looked after us all and taught us so many things, has died.

We cannot believe it. I told you she was coughing and that she was getting very tired. We thought she just had the flu. The doctor told Mom that Grandma died of pneumonia. It can start like flu, from a virus, or like an infection caused by bacteria but it is very dangerous. The doctor said old people, small children and people who are already sick can get pneumonia easily.

Now we are getting ready for the funeral. Our older aunt is brewing the beer. It makes my heart sore to see it, because it was Grandma who always brewed the beer for funerals. Our mother is sitting with Xolani's mother in her hut. I did not go to school but I don't want to stay in the hut because they are crying so much.

Father and uncle have been arguing about the funeral. Father wants to slaughter a goat now and then slaughter a cow for the cleansing ceremony in six months. Uncle says they must

slaughter a cow for the funeral and then another in December. Here they come now, still arguing...



Phenya ikhasi/Turn the page

'Mfowethu ngiyakutshela, sizoba nenkinga namadlozi uma singahlabeli uMama inkomo.'

'Nami ngithi sizoba nezinkinga ezinkulu uma sihlaba. Sinezinkomo eziwu-9 kuphela. Uma lobusika bunamakhaza kakhulu singalahlekelwa eyodwa noma ngaphezulu. Uma sihlaba eyodwa ngomngcwabo nenye uma sekugezwa sizoba sesimweni esinzima kakhulu. Umkakho useqalile ukusho ukuthi sekuzobanzima njengoba ingasekho impesheni kaMama. Unephutha ngokukhuluma ngalokho njengamanje kodwa uqinisile.'

'Kodwa mfowethu, akuyona inhlonipho. Amadlozi azosijezisa nomakhelwane bazokhuluma.'

'Omakhelwane bangakhuluma - akubona ekufanele bahlabeli!'

'Bheka, indodana yakho iyakhala. Kungcono umfundise ukuthi indoda iziphatha kanjani!'

'Unombono ongajwayelekile wokuthi indoda kufanele ibenjani mfowethu. Sipho, woza lapha mfana.'

'Yebo, Baba.'

'Ukhalela uGogo wakho?'

'Angikhali Baba.'

'Sula imvula ebusweni bakho-ke! Sipho akufanele sibe namahloni uma silahlekelwe. INkosi uShaka watshela isizwe sonke ukuthi sililele unina, uNandi. Kuhle ukuthi ubumthanda uGogo futhi ukhathazekile njengoba engasekho emhlabeni.'



'I am telling you my brother, we will have a problem with the ancestors if we do not slaughter a cow for our mother.'

'And I am telling you that we will have much bigger problems if we do. We only have 9 cattle. If it is a harsh winter, we could lose one or more. If we slaughter one for the funeral and another for the cleansing, the family could be in a very difficult situation. Your wife is already complaining that we will struggle without Mother's pension. She is wrong to talk about that now but it is true.'

'Well, brother, it is not respectful. The ancestors will punish us and the neighbours will talk.'

'The neighbours can talk - they do not have to slaughter!'

'Hey, look, that son of yours is crying. You had better teach him how to be a man!'

'You have a strange idea of what it is to be a man, brother. Sipho, come here, boy.'

'Yes, father.'

'Are you crying for your grandmother?' 'I am not crying, father.'

'Then wipe the rain off your face! Sipho, grief is nothing to be ashamed of. King Shaka ordered the whole nation to cry for his mother, Nandi. It is good that you loved your grandmother and you are sad she has passed on.'

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

1. Iyini i-pneumonia futhi ungayivikela kanjani?
2. Yini oyicabangayo ngokuhlatshwa kwesilwane ngomngcwabo?
3. Ungayibulala inkomo noma ngabe kusho ubunzima emndenini?
Noma kulungile ukubulala imbuzi?
4. Kungabe izilwane zingazithola yini izifo ezifana nomkhuhlane noma ipneumonia?

Umsebenzi wasekhaya

Uma umuntu omthandayo ehambile noma eshonile, yiziphi izinto ongafisa ukuthi ngabe umbuze zona?

Cela umuntu omdala ekhaya ukuthi akuxoxele indaba eyenzeka esalingana nawe uyibhale phansi.

Discussions

Let's discuss the story

1. What is pneumonia and how can you prevent it?
2. What do you think about slaughtering for a funeral? Should you kill cattle even if it will cause hardship for your family? Or is it all right to kill a goat?
3. Can animals get any diseases that look like flu or pneumonia?

Homework

If someone you love has gone away or has died, what are some of the things you wish you had asked them?

Ask an older person at home to tell you a story from when they were your age and write it down.

12. Ubusika obunzima

Sanibonani nonke. Mina noSipho sesibuyele esikoleni ngemuva komngcwabo kaGogo. Bekubuwasizi futhi kujabulisa ngesikhathi esisodwa. Bonke abantu basho okuhle ngaye. UMfundisi uthe besekufike isikhathi sokuthi uGogo ashone nokuthi akasezwa izinhlungu.

Bebebanengi abantu emngcwabeni. Kubekuhle ukuthi uBaba avume kuhlatshwe inkunzi. UMalume uthi yingoba uBaba ubonile ukuthi iyonandlela elungile. UBaba yena uthi ubone ukuthi uXolani angasishuka isikhumba basidayise. Ngicabanga ukuthi naye ujabulile ukuthi bekuwumngcwabo omkhulu.

Asiyithenganga imifino ebizophekwa. Sivune amathanga amaningi emasimini. Besinombila esiwugcinile, sapheka isitambu. Sipho, awucabangi ukuthi senza umsebenzi omuhle ngokuhlakula nangokuthelela imifino?

‘Yebo Nosipho, kodwa uBaba ukhathazekile. Ubecabange ukuthi imifino izosigcina ubusika bonke nokuthi kukhona ezosala ukuze siyidayise. Kodwa manje cishe aseyaphela. Angeke sikwazi ukuthenga lutho. U-Anti uyabalisa ukuthi njengoba impesheni kaGogo ingasekho kungenzeka silambe.’

‘Angeke silambe, Sipho. OMama noBaba bathi uMalume no-Anti kufanele benze okuthile ukulekela umndeni.



Photo: south-africa-tours-and-travel.com

12. A difficult winter

Hello everyone. Sipho and I are back at school after Grandma’s funeral. It was sad and happy at the same time. Everyone said nice things about her. The priest said that it was Grandma’s time to die and that she was not suffering any more.

There were a lot of people at the funeral. It was good that Dad agreed to slaughter an ox. Uncle said it was because Dad realised it was the right thing to do. Dad said it was because he decided that Xolani could tan the hide and they would sell it. I think he was also happy that it was a big funeral.

We didn’t have to buy vegetables to cook. We harvested plenty of pumpkin from the field. We also had mealies in the grain store and we made samp and beans. Sipho, don’t you think it is good that we worked so hard weeding and watering the vegetables?

‘Yes Nosipho, but Dad is worried. He thought the vegetables would last all winter and there would be some left to sell. Now they are nearly gone. We won’t be able to buy any. Aunt is complaining that now we don’t have

Grandma’s pension we might starve.’

‘We will not starve, Sipho. Mom and Dad say aunt and uncle must do more to help support the family.

Phenya ikhasi/Turn the page

UMama utshele u-Anti ukuthi akajoyine inhlangothi abafuyi bezinkukhu.

Uqale wakhalaza wathi yena umatasa. UMama wamtshela ukuthi udinga ukuthi ahambise mina emhlanganweni wabafuyi bezinkukhu kanye nokubheka izinkukhu uma ngisesikoleni kuphela. Uqhubekile wakhalaza kodwa wezwa ukuthi sithola ukudla emhlanganweni emikhulu. Uvumile ukungihambisa. Ngifisa ukwazi ukuthi uMalume yena uzokwenzani ukulekelela.'

'Hawu Nosipho! UMalume usematasa nokuphuza utshwala lwesintu. Uthi ukwenza ukuhlonipha uGogo. Usuku lonke ulokhu ehleli phezu kwetshe ngemuva kwendlu kaGogo. Ngizwe uBaba emcela ukuthi akasize ngenkomo enethumba. Wathi yena uyindodana endala uBaba akakwazi ukumtshela ukuthi akenzeni. UBaba wathi kufanele uyomsiza.'

'Kulungile, pho wena uyaphi?'

'Ngihambisa uSpotty nezinja zikaMalume ukuyothola umgoma wamarabi. Udokotela wezilwane wakahulumeni uyeza, indodana kaMaMkhize izongigibela emotweni yayo.'

'Kuhle lokho. Ngiyethemba uSpotty ngeke alahlekelwe yizwi lakhe!'

'Ha ha! Wonke umuntu uyazi ukuthi akusilona iqiniso lelo Nosipho.'

'Ngethemba kanjalo. Ngizokubona ngokuhamba kwesikhathi.'

Mom has persuaded Aunt to join the chicken farmers' group. At first, she complained that she was too busy. Then Mom told her that she only needs to take me to the farmers' meetings once a month and keep an eye on the chickens when I am at school. She still complained but then she heard that we get food at the big meetings. So she has agreed to take me. I wonder what Uncle will do to help.'



Aunt is worried about how the family will cope now that they have lost Grandma - and her pension. She has agreed to go with Nosipho to the chicken farmers' meetings.

'Hawu, Nosipho! Uncle is still very busy drinking traditional beer. He says it is out of respect for Grandma. He has been sitting on a rock behind her hut all day. I heard Dad ask him to come and help with the cow that has an abscess. He said he was the eldest son and Dad cannot tell him what to do. Dad said you must come and help.'

'OK, but where are you going?'

'I am taking Spotty and Uncle's dogs to get their rabies vaccination. The state vet is coming and I am getting a lift with MaMkhize's son.'

'That's good. I hope Spotty does not lose his bark!'

'Ha ha! Everyone knows that is not true, Nosipho.' 'I hope so. See you later.'

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

1. Yenzenjani imindeni yalapha endaweni uma kushona umuntu obebheka umndeni?
2. Yiziphi izinkinga ezingavela uma umuntu ephuza ngokweqile utshwala?
3. Yini oyikhulumbulayo ngokulapha ithumba?
4. Kungani uNosipho ethi uyethemba ukuthi uSpotty angeke alahlekelwe yizwi lakhe?

Umsebenzi wasekhaya

Buza umuntu omdala ekhaya ukuthi babenzenjani kudala uma bebhkekene nobusika obunzima, kungekho ukudla okwenele noma imali. Khumbula noma ubhale phansi abakushoyo khona uzositshela nokuzayo.

Discussion

Let's discuss the story

1. How do families in this area cope when they lose someone who helps support the household?
2. What are some of the problems that can occur if a person drinks too much?
3. What can you remember about how to treat an abscess?

Homework

Ask older people at home what they did in the past if they had a hard winter, with not enough food or money. Remember or write down what they say to tell us next time.

13. Yisikhathi sokusebenzisana

Sanibonani! Lapha ebumnyameni ngiqoqa † izinkuni zokupheka. Mina noSipho sense umsebenzi wesikole kusakhanya ngoba asinalo ilambu esingalisebenzisa ebusuku. Namuhla akekho umuntu ongasiza ngezinkuni. Bonke abantu nezilwane babukeka begula! USipho unomkhuhlane kodwa naye uyasebenza. Hey, Sipho! Kwenzenjani?

‘Ngizisike esandleni, Nosipho. Sinobaba besifaka uthayela ukuvala isibaya sezimbuzi sawisa owodwa.’

‘Phephisa. Benikwenzelani lokho?’

‘Kubukeka sengathi izimbuzi zingenwe ngamakhaza (pneumonia). Angeke sisakwazi ukuzigoma ngeMultivax P. Umgomo awusebenzi kahle ebusika. Esingakwenza njengamanje ukuthi sizivikele emakhazeni.’

‘Umalume uthe sekuqubuke umkhonywana futhi. Kungabe izinkomo zethu ziphilile?’

‘Yebo. Ubaba noMalume bazigoma kusenesisikhathi izinkomo zethu. Iningi lomakhelwane likwenze sekuhambe isikhathi. Kufanele bathole ipenicillin kwadokotela ukwelapha izinkomo ezigulayo.’

‘Kuhle ukuthi uBaba benoMalume bayasebenzisana ngemuva kwempikiswano yabo.’



13. Time for teamwork

Hello there! Here I am fetching firewood for cooking in the dark. Sipho and I have to do our homework while it is still light because we don't

have a lamp to use in the evening. There is no one to help with the wood today. All the animals and all the people seem to be sick! Sipho has the flu but he is also out working. Hey, Sipho! What's wrong?

‘I cut my hand, Nosipho. Dad and I were fixing some corrugated sheets over part of the goats' kraal and we dropped one.’

‘Oh, sorry. Why were you doing that?’

‘It looks like some of the goats have pneumonia. It is too late to vaccinate them with Multivax P. The vaccine doesn't work well in winter anyway. The best we can do is protect them from the cold.’

‘Uncle said there is a breakout of black quarter too. Are our cows all right?’

‘Yes. Dad and Uncle vaccinated our cattle in time. Most of the neighbours left it too late. They will have to get penicillin from the vet to treat the sick cows.’

‘It is good that Dad and Uncle are working together after all their arguments.’

Phenya ikhasi/Turn the page

'Ngicabanga ukuthi yingoba seluphelile utshwala. Umalume akalaleli muntu uma ephuza!'

'Shh, Sipho! Nangu u-Anti, uzokuzwa...'

'Sanibonani zingane. Nosipho usulungile nezinkuni?'

'Yebo, Anti.'

'OK. Asihambe siyekobasa. Kuzofanele sipheke amaqanda manje ebusuku. Amaqanda amaningi onakele ngamakhaza. Ngihambile ngiyowadayisa amanye kodwa ngihambale imizi embalwa ngaphambi kokuthi kubemnyama.'

'Oh, ngingawenza ama-pancakes ebusuku?'

'Yebo Sipho, ungawenza. Kodwa asikwazi ukudla ama-pancakes zonke izinsuku. Sidinga indlela yokuvikela amaqanda kulamakhaza khona ezochamisela. Yini esingayenza Nosipho?'

'Ngicabanga ukuthi amaqanda noma angabanda kangakanani angakwazi ukuchamiseleka -uma eselungile noma uma inkukhu ihlala kuwona isikhathi esenele. Inkinga ukuthi azikwazi ukuhlala phezu kwawo wonke. Futhi, ezinye izikhukhukazi azinazo izidleke zilala ngaphansi kwezinkuni. Zonke izinsuku ngizozibheka. Mhlawumbe singawagcina amanye amaqanda endaweni ebandayo bese siwabeka ezikhukhukazini ezingazaleli kakhulu.'

'Angazi noma lokho kuzosebenza kodwa ungazama.'

'Ugogo wayazi ngazozonke lezizinto. Ngifisa ukuthi ngabe ngambuza imibuzo eminingi.'

'Ungakhathazeki Nosipho, sizosizana. Kungcono ngoba kukhona abantu emhlanganweni wabalimi esingaya kubo uma sidinga usizo.'



'I think it is because the beer is finished. Uncle doesn't listen to anyone when he is drinking!'

'Shh, Sipho! Aunt is coming - she'll hear you...'

'Hello children. Nosipho, are you ready with the wood?'

'Yes, Aunt.'

'OK, let's go and make the fire. We will have to cook some eggs this evening. So many eggs have been spoiled by the cold. I went out to sell some but I could only visit a few homes before it got dark.'

'Oh, can I make pancakes tonight?'

'Yes Sipho, you can. But we can't have pancakes every day. We need a way to protect the eggs from the cold so they can hatch. Nosipho, what can we do?'

'I think eggs can get quite cold and still hatch - if they are fertile and if the hen sits on them long enough. The problem is, they can't sit on them all. Also, not all the hens have nests so some sleep under the wood. I will check on them each day. Perhaps we can keep some of the eggs in a cold place and set them under hens that are not laying much.'

'I don't know if that will work but you can try.'

'Granny used to know about all these things. I wished I had asked her more questions.'

'Don't worry Nosipho, we will all help each other. At least there are people we can go to for advice at the farmers' group.'

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Kungani umgomo ungasebenzi kahle uma kumakhaza?

Yini I-penicillin futhi isetshenziselwani?

Yiziphi ezinye zezizathu ezenza amaqanda angachamiseleki?
Angachamiseleka uma ebanda?

Umsebenzi wasekhaya

Qiniseka ukuthi izidleke zakho zezinkukhu zivikelekile kumakhaza kulobusika. Bala amaqanda azalelwayo zonke izinsuku. Bala ukuthi mangakhi amaqanda isikhukhukazi esikwazi ukuhlala phezu kwawo (kujwayeleke ukuthi abewu 4 - 6) nokuthi mangakhi ekufanele uwasuse. Bala ukuthi mangakhi amatshwele azalwayo naphilayo ngemuva kwesikhathi esingangenyanga.

Tshela ikilasi ukuthi wenzani ngamaqanda.

Discussions

Let's discuss the story

Why do vaccines not work well in very cold weather?

What is penicillin and what is it used for?

What are some of the reasons eggs don't hatch? Can they still hatch if they get cold?

Activity and homework

Make sure that your chicken nests are sheltered from the cold this winter. Count the eggs that are laid each day. Count how many eggs the hens can sit on (it is usually 4 - 6) and how many you have to remove. Count how many chicks hatch and survive after one month.

Tell the class what you do with the eggs.

14. Uphile kanjani isikhathi eside uGogo?

Sanibonani nonke! Yimina uSipho. Namuhla uNosipho noAnti basemhlanganweni wabafuyi bezinkukhu manje kufanele ngenze yonke into! Kade ngitheza izinkuni ngikha namanzi, ngikhipha nezimbuzi futhi ngibheke nezingane. UMama ukhombisa amanye amantombazane ukweluka icansi. Enye yawo yinhle. UMama uyazi ukuthi ngiyayithanda uma ngidlula ngasendlini abahleli kuyo, bayahleka. Sengizohambela kude.



Kade ngicabanga ngoGogo. UMama uthi ubeseniminyaka engu 79 ngesikhathi eshona. Ubesemdala impela. Kodwa abantu abaningi bashona besebancane kakhulu kunaye. UGogo wayehlala ethi izinto esizidlayo namuhla zenza abantu bagule, njengokusebenzisa amafutha kunokubilisa ukudla kanye nokufakwa kwezinzongo ekudleni. Izingane manje sezithenga amagwinya, amashibusi, oswidi kanye nokunye ukudla okungenampilo kuzo zonke izindawo. UGogo wayekhalaza nangendlela abantu abasebasha abaziphethe ngayo nokungahloniphi abantu abadala. Engabe wayeqonde ukuthini ngalokhu.

Ukubhema nokuphuza utshwala nakho kungenza izifo eziphathelene namaphaphu kanye nesibindi zibulale. UBaba uthi uMalume uphuzela ithuna kodwa uMalume uvele azihlekele.

UMama ucabanga ukuthi esinye sezizathu esidala ukuthi abantu abasha basheshe bashone yi-HIV ngoba walehlekelwa udadewabo omncane. UGogo wayehlala ethi yayingekho i-HIV ngesikhathi yena esakhula.

14. How did grandma live so long?



Good morning everyone! It's Sipho here. Nosipho is at a chicken farmers' meeting with our Aunt today so I have to do everything! I have been fetching wood and water, taking out the goats and watching the little children. Mum is busy showing some girls how to make icansi. One of the girls is very pretty. Mum knows I like her so if I walk anywhere near the hut where they are

sitting, they all giggle. I'm going to stay away.

I have been thinking about Grandma. Mum says she was 79 when she died. That is quite old. But lots of people die much younger than that. Grandma used to say that things that we eat today make people sick, like how we use fat instead of boiling food and adding all the spices in the food. Children now buy vetkoeks, snacks, sweets and other unhealthy food everywhere. Grandma used to complain about how young people are misbehaving and not respecting elders. I wonder what she meant by this.

Smoking and drinking alcohol can also cause diseases that affect the lungs and liver that can be fatal. Dad says Uncle is drinking himself to an early grave but Uncle just laughs.

Mum thinks the main reason people die young is HIV because she lost her younger sister. Grandma always said there was no HIV when she was growing up.



Phenya ikhasi/Turn the page

Mdukatshani Rural Development Project Animal Health Promotion Programme

Nokugcwala kwabantu kanye nokuthuthwa kwendle okungekho ezingeni kungaba wumthelela wokuthi abantu bashane besebancane ngoba manje abantu sebehlala eduze kwabanye bese kuthi uma kukhona abantu

abanezifo ezifana nekhholera neTB kubelula ukuzidlulisela kwabanye abantu.

Nezingozi zamatekisi nazo zingaba umthelela ngokufa kwabantu abasebasha abasuke beya emisebenzini noma bethunywe ngabadala ukuthi bayokwenza izinto zasekhaya edolobheni.

Hayi bo, kusafanele ngiphe izinkukhu ukudla! UNosipho angaphatheka kabi uma ngingangaziphi, akhohlwe ukuthi bekufanele ngeze izinto ezingeni njengoba yena kade engekho. NoMama ulindile ukuthi ngichelele isivande semifino.

Kodwa, ngawowonke lomsebenzi onzima nokungabi nayo imali yamashibusi noma ukugibela itekisi, cishe ngizokhula ngibemdala njengoGogo!

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Ucabangani ngokuthi uSipho uyasiza ngemisebenzi yasekhaya?

Kungabe kuliqiniso ukuthi yayingekho iHIV ngesikhathi uGogo esamncane?

Yiziphi ezinye zezinto ongazicabanga ezingabangela abantu abasha ukuthi bashone besebancane?

Overcrowding with poor sanitation can also contribute to people dying at a young age because people now live close together and when some people are infected with diseases such as cholera or TB it is easy to pass to other people.



Taxi accidents can also be blamed for the deaths of a lot of young people who are going to work or have been sent by adults to do the shopping and other family business.

Hayi bo, I still need to feed the chickens! Nosipho will be very upset if I don't do it, forgetting that I had a lot to do because she was not here. Mom also expects me to water the vegetable garden.

Well, with all this hard work and no money for snacks or taxi rides, at least I might grow old like Grandma!

Discussions

Let's discuss the story

What do you think of Sipho helping with the household chores?

Is it true there was no HIV when Grandma was young?

What are other things that you can think of that can cause people to die young?

15. Izinkomo zamaNguni nemvula ebusika!

Sanibonani bangani bami! Namuhla ngizizwa ngijabulile kakhulu. Angizange ngiye kokha amanzi izinsuku ezintathu ngoba kade lina kakhulu izulu! Ubusika balapha kujwayeleke bube ngobomile. Iqiniso ukuthi ngisho ehlobo asijwayele ukuthola imvula ngalendlela.

Izindaba ezimnandi ukuthi sesinethangi lamanzi. UBaba ubecabanga ukulithenga ngesikhathi sasehlobo. Ngesikhathi ebona imvula, uthumele uXolani ukuthi adayise izimbuzi ezimbili, uMama yena waya empeshenini wadayisa amacansi. Ngemuva kwalokho uBaba uboleke imoto sahamba sonke saya eSkebhini sayothenga ithangi lamanzi. Umnikazi wemoto ekafunanga mali ngoba ngamgomela zonke izinkukhu zomndeneni wakhe ngoMeyi. Hey, Siphopho, wabukeka uthukuthele kwenzenjani?

‘Ngikhathele yilesimo sezulu Nosiphopho. Angikwazanga ukuyodlala ibhola izinsuku ezintathu!’

‘Ha, Siphopho, ngicabanga ukuthi ukhathele yilelizulu ngoba livimbele uNeli ukuthi eze lapha ekhaya ukuzokwenza icansi noMama!’

‘Kanti uyahlanya? Angibonanga nokuthi akafikanga!’

‘Ha ha! Siphopho, ngicabanga ukuthi usothandweni. Uhleli uthola ozokwenza njalo eduze nezindlu uma uNeli elapha, noma ngabe ungabonakali!’

‘Angikwenzi lokho! Ngesonto elidlule ngangilapha ngoba ngibheke izinkukhu ngoba ninoMama naningekho. Angibanga naso isikhathi sokubheka amantombazane!’



15. Nguni cattles and rain in winter!

Hello my friends! I am in a very good mood today. I have not had to fetch water for three days because it has been raining so much! The winters here are usually so dry. In fact, we don't often get rain like this even in the summer.

The good news is that we have a water tank. Dad was thinking of buying one for the summer. When he saw the rain, he sent Xolani to sell two goats and Mum went to the pension and sold some grass sleeping mats. Then Dad borrowed a bakkie and we all went to Tugela Ferry and bought the water tank. The bakkie owner did not ask for any money because I vaccinated all his family's chicks against fowlpox in May. Hey Siphopho, what are you looking so cross about?

‘I am fed up with this weather, Nosiphopho. I haven't been able to play soccer for three days!’

‘Ha, Siphopho, I think you are fed up with the weather because it stopped Neli from coming to the house to make *icansi* with Mom!’

‘Are you crazy? I didn't even notice she had not come!’

‘Ha ha! I think you are in love, Siphopho. You always find something to do near the house when Neli visits, even if you stay out of sight!’

‘I do not! Last week, I had to stick around here to look after the chickens and the children because you and Mom weren't here. I didn't have time to notice any girls!’

Phenya ikhasi/Turn the page

'Hey, zingane! Niphikisana ngani? Wozani ngokushesha sihambe. UMnyango wezoLimo uletha inkunzi yamaNguni. Uma siya esibayeni sakonkosi, sizoyibona.'

'Baba ngenkunzi eyodwa nje, kwenzenjani?'

'Nosipho yinkunzi yamaNguni. Uhlobo oluphambili futhi ekungeyokudabuko lapha eningizimu nezwekazi lase Afrika. Ayibulawa ngamakhinzane, yindlala nesomiso.'

'Iyakwazi ukubhukuda, Baba?'

'Lamnandi lelohlaya Sipho! Into ebalulekile ukuthi inyama yaloluhlobo lwezinkomo inezakhamzimba futhi izikhumba zingasetshenziselwa izinto eziningi ezahlukene. Uhulumeni unohlelo lokwandisa uhlobo lwamaNguni

ngokuthi azilumbe nezinkomazi zendawo. Singathatha izinkomazi zethu ziyolumbana nenkunzi entsha. Ngaleyondlela, singakwazi ukuba nomhlambi oqinile ngesizukulwane ngasinye. Asihambeni manje.'

'Kulungile, Baba. Siyeza!'

'Hey, children! What are you arguing about? Come with me quickly. The Department of Agriculture is bringing an Nguni bull here. If we go to the king's kraal, we'll see it.'

'Why so much fuss about one bull, Dad?'

'Nosipho it is an *Nguni* bull. It's a very special breed, indigenous - that means it comes from southern Africa. It is resistant to ticks, hunger and drought.'

'Can it swim, Dad?'

'Good joke Sipho! The important thing is that Nguni meat is very nutritious and the skins can be used for many purposes. The government has a project to breed local cattle with Nguni bulls. We can take our cows to mate with the new bull. That way, we should get a much stronger herd with each generation. Now, let's get going.'

'OK, Dad. We're coming!'



Photo: Jacques van Delft

Izingxoxo

Masixoxe ngalendaba

Umsebenzi wasekhaya - Thola kubantu abadala emakhaya ukuthi bayazi yini ngaloluhlelo lwezinkomo zamaNguni nokuthi bacabangani ngalo.

Discussion

Let's discuss the story

Homework - Find out from the adults at home if they know about the Nguni project and what they think of it.

16. Amanzi amaningi!

Sanibonani nonke. Nisakhumbula ukuthi nganitshela ngokuthi sinethangi lamanzi? Lisanamanzi amaningi esiwasebenzisela ukuphuza nokupheka. Ngesonto eledlule sakha emfuleni amanzi okuwasha izingubo kuphela. Amanzi amnandi futhi ahlanzekile kunawomfula adungekile ngemuva kwezimvula.

Ukuqoqa amanzi emvula kusho nokuthi asithezi kakhulu. Lokho kwenziwa ukuthi asiwabilisi amanzi ngaphambi kokuthi siwaphuze. Ngiyethemba kulelihlalo sizoba nezimvula. Uma siyithola, angeke simoshe ngisho iconsi.

UBaba ushayebele umsele wamanzi maphakathi nezindlu ezimbili ukuze amanzi ophahla lwazo zombili angene ethangini. Kunompompi onepayipi eceleni ukwenza kubelula ukugcwalisa amanzi emabhakedeni.

Oh, nakhu kuza uNeli nodadewabo. UMama ubafundisa ukwenza icansi. Kuyamangaza ngoba uNeli wenza kahle esikoleni kodwa kumthatha isikhathi ukufunda ukwenza icansi. Bonke abangani bakhe sebeqalile ukwenza amacansi emakhaya abo kodwa yena usazofunda. Awucabangi ukuthi kuyamangaza lokho Siphopho?

‘Ini? Oh, bengingamboni Nosiphopho.’

‘Oh, umbonile. Uhambile wayofaka ihembe elihlanzekile usubabona befika esangweni!’

‘Akusilo iqiniso lelo - ngishintshe ihembe ukuze ngiliwashele ukulisebenzisa kusasa uma sengiyodlala ibhola.’



16. A good harvest - of water!

Hello everyone. Do you remember I told you we have a water tank? Well, it is still half full and we are using the water to cook and drink. We only had to fetch water from river for washing last week. The water is sweet and fresh while the river water is brown after all the rain.

Harvesting rainwater means we don't have to fetch so much firewood either. That's because we don't need to boil the water before we drink it. I hope we have good rains this summer. If we do, we won't waste a drop. Dad fixed a gutter to two of our huts so the water from both roofs

drains into the tank. There is a tap on the side with a piece of hosepipe so we can easily fill a bucket or a can.

Oh, here comes Neli and her sister. Mum is teaching them to make icansi. It's strange, Neli does very well at school but she is slow to learn mat-making. All her friends have started making mats at home already but she is still coming for lessons. Don't you think that is strange, Siphopho?

‘What? Oh, I didn't notice her, Nosiphopho.’

‘Oh, yes you did. You went to put on a clean shirt as soon as they arrived at the gate!’

‘That's not true - I changed my shirt so I could wash the other one ready for soccer practice tomorrow.’



Phenya ikhasi/Turn the page

‘OK, ngiyazidlalela. Kodwa ngiyazi uyamthanda.’

‘Ungalinge usho lutho kuyena, Nosipho!’

‘Cha Sipho! Angidingi ukusho lutho. Ulokhu eza lapha ngoba naye uyakuthanda. Hey, bheka nangu Baba ebuyisa enye yezinkomo. Engabe kwenzenjani yangayi emadlelweni nezinye. Ngiyethemba ukuthi ayiguli.’

‘Hey, Sipho!’

‘Yebo, Baba!’

‘Yeka ukubukana namantombazane woza lapha uzongisiza ngihambise lenkomo lapha egqumeni!’

‘Eish! Ngiyeza Baba. Kungani uyihambisa?’

‘Sizoba yingxenye yohlelo lwezinkomo zamaNguni, ndodana. Lenkomo izohlala lapha epulazini ize imithe.’

‘Ok, salakahle Nosipho. Ungakhohlwa yilokhu engikushilo.’

‘Nawe ungakhohlwa ukuth ngitheni, Sipho!’



There are several ways to harvest rainwater. Even if you don't have a tank, you can collect water in buckets when it rains and cover it or store it in bottles to use later.

Ziningi izindlela zokuqoqa noma zokugcina amanzi. Noma ngabe aninalo ithangi, ningawaqoqa amanzi ngamabhakede uma lina izulu bese niyawamboza noma niwagcina emabhodleleni khona nizobuye niwasebenzise.

‘OK, I'm only teasing. But I know you like her.’

‘Don't you dare say anything to her, Nosipho!’

‘Hawu, Sipho! I don't need to say anything. She keeps coming here because she likes you too. Hey, look, there's Dad bringing one of the cows. I wonder why it hasn't gone to graze with the others. I hope it is not sick.’

‘Hey, Sipho!’

‘Yes, Dad!’

‘Stop staring at the girls and come and help me take this cow up the hill!’

‘Eish! Coming Dad. Why are you taking it away?’

‘We're going to be part of the Nguni project, son. This cow will stay up at the project farm until she gets pregnant.’

‘OK, bye Nosipho. Don't forget what I said.’

‘And don't forget what I said, Sipho!’

Izingxoxo

Asixoxe ngalendaba

1. Ucabanga ukuthi kuwumqondo omuhle ukube nethangi lamanzi endaweni enezimvula ezincane?
2. USipho noNosipho baneminyaka ewu 13 manje. Lesi yisikhathi ekujwayeleke ngaso ukuthi izingane zikhombise uthando lokuba nezintombi noma amasoka?

Ekufanele sikwenze

Kulelisonto sinekhasi lomsebenzi ngezinkomo zamaNguni. Bheka ukuthi ungakwazi yini ukuphendula imibuzo ekulo.

Umsebenzi wasekhaya

Khuluma nabantu abadala ekhaya ngokuqoqa noma ngokugcina amanzi. Xoxisanani ngezindlela umndeni wakho owonga ngazo amanzi noma ongagcina ngawo amanzi. Zilungiselele ukuthi ukuthi usitshele ngalokhu ngesonto elizayo.

Discussions

Let's discuss the story

1. Do you think it is worth having a water tank in an area where there is very little rain?
2. Siphos and Nosiphos are 13 now. Is that the usual age for children to be interested in having girlfriends or boyfriends?

Activity

This week we have a worksheet about Nguni cattle. See if you can answer the questions on it.

Homework

Talk to the adults at your home about harvesting water. Discuss the ways that your family saves water - or could save water. Be ready to tell us about this next time.

17. Amanzi aphephile ngamandla elanga

Sanibonani. Intwasahlobo isifikile kodwa kuleliviki asibanga nayo imvula. Sekusele amanzi amancane ethangini sinoSipho sihambile sayowakha emfuleni njengasekuqaleni.

Umfula unamanzi angcolile selokhu kwana imvula. Ngaphandle kodaka nesihlabathi, ngicabanga ukuthi angcolile. Kunamagwebu aphuzi onqenqemeni lwamanzi, lapho siwashela khona izingubo. Abonakala elungele imifino thina asikwazi ukuwaphuza.

Sicabanga ukuthi izimbuzi zethu zinenhlanhla. Azisheshi ukuzwela njengabantu uma amanzi engekho. Zibonakala zithola bonke ubumanzi ezibudingayo ngokudla izihlahla, noma ngabe awekho amaqabunga. Izinkomo zona zidinga amanzi amaningi kodwa zibonakala zingenandaba nokuthi angcolile! Angikaze ngizibone izimbuzi ziphuza amanzi angcolile.

Ukubilisa amanzi kungenye yezindlela yokubulala amagciwane kodwa ithatha izinkuni eziningi kanye nesikhathi. UGogo wasifundisa ezinye izindlela zokubulala amagciwane emanzini. Wayejwayele ukuqoqa amabhodlela eplastiki asiwathola uma sithenge unemenayidi. Kuthi ngezinsuku ekubalele ngazo, azigcwalise amanzi azivale bese ethi uSipho akagibele phezu kwendlu azibeke khona. Ubezibeka lapho usuku lonke kuthi ntambama ngaphambi kwesidlo sakusihlwa athi uSipho akawehlise.

Ngemuva kwamahora ayi-8 elangeni, amanzi akulungele ukuphuzwa nokupheka. UGogo wayethi asebenzisa amandla elanga ngaphandle kwemishini! UMama wayengawathembi amandla elanga ayesetshenziswa uGogo kodwa uthisha wethu uthi uGogo wayeqinisile.



17. Solar power for safe water

Hello there. Well, spring has arrived but this week we have had no rain. Our water tank is almost empty and Sipho and I had to go to river as before.

The river water has been very dirty since the last rains. Apart from all the mud and sand, I think it has been polluted. There is yellow foam at the water's edge, where we go to wash our clothes. It seems to be OK for the vegetables but we can't drink it.

I think our goats are lucky. They don't suffer as quickly as people do when there is no water. They seem to get most of the moisture they need from browsing on trees, even when there are hardly any leaves. The cattle need lots of water but they don't seem to care if it is dirty! I haven't seen goats drink dirty water. Boiling water is one way to kill germs but it takes a lot of firewood and a lot of time. Granny taught us other ways of killing germs in water. She used to collect the plastic bottles we got from soft drinks. On sunny days, she filled them with water, screwed on the lids and then made Sipho climb up and put the bottles on the roof. She left them there for the whole day and then sent Sipho to fetch them before supper.

After eight hours in the sun, the water was ready to drink or cook with. Granny said it was using solar power without solar panels! Mum never trusted Granny's solar power but our teacher said Granny was right.

Phenya ikhasi/Turn the page

Uthi imisebe yelanga nokushisa kubulala amagciwane emanzini angadala izifo ezifana nekhholera, yisifo samathumbu, isisu segazi nohudo. Uthisha uthi uma izinga lokushisa emanzini liwu 50C, kungathatha ihora elilodwa ukuthi aphephe. Manje asikwazi ukubona ukuthi kushisa kangakanani yingakho siwashiya usuku lonke. Ngicabanga ukuthi kufanele sisebenzise icebo likaGogo lamandla elanga futhi.

‘Hey Sipho! Sinawo amabhodlela eplastiki angenalutho?’

‘Ngicabanga kanjalo, Yini indaba?’

‘Ngifuna ukuwagcwalisa ngamanzi ngiwabeke elangeni ukubulala amagciwane.’

‘Oh, ufuna ukuthi bese mina ngigibele phezu kwendlu ngiwabeke?’

‘Yebo, ukwenza lokho akungcono kunokwehla senyuka sifuna izinkuni?’

‘Ngicabanga kanjalo kodwa ngeke ngikwazi ukukwenza manje, ngimatasa.’

‘Wenzani?’

‘Ngibheka incwadi. Kukhona engimuthembisile ukuthi ngizomboleka incwadi yami yezibalo.’ ‘Ha! Lowomuntu ubizwa ngokuthi uNeli, asibheje!’

‘Thula wena ngizosuke ngingasakusiza ngalawomabhodlela!’



These children use solar disinfection to make river water safe to drink. In places that suffer from drought it is important to save and use every drop of water.

Lezingane zisebenzisa ilanga ukubulala amagciwane emanzini ukuze aphephe.

Ezindaweni ezinesomiso kubalulekile ukonga nokusetshenziswa kwamanzi.



She said the ultra-violet rays and heat from the sun destroy the bacteria in water that can cause diseases such as cholera, typhoid, dysentery and diarrhoea. The teacher said if the water temperature reaches more than 50C, it will be safe in just one hour. But we have no way of knowing how hot it gets so we need to leave it all day. I think we should use

Granny’s solar power idea again.

‘Hey, Sipho! Have we got any empty plastic bottles?’

‘I think so. Why?’

‘I want to fill them with water and put them in the sun to kill the germs.’

‘Oh, and I suppose you want me to climb on the roof with them?’

‘Yes, but isn’t that better than having to climb up and down mountains fetching wood?’

‘I suppose so but I can’t do it now. I’m busy.’

‘Doing what?’

‘Looking for a book. I promised I’d lend ...someone... my maths notes.’

‘Ha! Someone called Neli, I bet!’

‘Thula wena or I won’t help with those bottles!’

Izingxoxo

Asixoxe ngalendaba

1. Ucabanga ukuthi imifula ingcoliseka kanjani?
2. Yiziphi izifo ezingatholwa izilwane nabantu uma bephuza amanzi angcolile?
3. Ilanga liwabulala kanjani amagciwane emanzini?

Ekufanele sikwenze

Asibukeleni i-video ngokubulala amagciwane ngelanga sixoxe ukuthi kusebenza kanjani.

Umsebenzi wasekhaya

Zama ukuthola ukuthi amanzi angakanani asetshenziswa yizilwane ezahlukene - izinkukhu, izimbuzi nezinkomo ngosuku uma kuqhathaniswa nawe! Bhala phansi inani lamanzi owaphuzayo nokuthi izilwane uzinika amanzi angakanani.

Discussion

Let's discuss the story

1. How do you think rivers get polluted?
2. What are some of the diseases that animals and people can get from drinking dirty water?
3. How does the sun kill germs in water?

Activity

Let's look at a video about solar disinfection and talk about how it works.

Homework

Try to work out how much water different animals - chickens, goats and cattle - need each day, compared to you! Make a record of how much you drink and how much water you give them.

18. USipho uya esibhedlela

'Sanibonani futhi. Kungabe nibe namaholidi amahle? Iviki lihambe ngokushesha, akunjalo yini? Ngibe nesikhathi esimnandi nabangani bami kodwa uSipho akabanga naso. UBaba umhambise esibhedlela ukuyosokwa. Ubebukaka engemuhle izinsuku ezimbalwa. UDokotela uthe kufanele aphuze kakhulu izinto eziphuzwayo, uBaba wase emthengela o 2 litre banemenayidi. Lokho kumjabulisile!

'Hey, Sipho! Uzizwa unjani manje?'

'Hey, Nosipho ngiyaphila. Kodwa angiyi esikoleni namuhla - Ngiya esibhedlela ukuyohlolwa. Ungakwazi ukungenisa izimbuzi uma ngingakwazi ukubuya ngesikhathi?'

'Yes, OK. See you later.'

'Sipho! Sipho!'

'Yebo Baba. Ngiyeza'

'Usukulungele ukuhamba?'

'Yebo, Baba.'

'Kulungile asihambe siyogibela. Endleleni ngifuna ukukukhumbuzisa ngesakuxoxa ngeviki eledlule. Kubalulekile. Usakhumbula ukuthi kungani iSilo seseka uhlelo lukahulumeni lokhuthi abafana namadoda basokwe?'

'Yebo, Baba. Lwenzelwa ukuvikela i-HIV.'

'Kulungile, Sipho. Nansi iveni isimela. Asigibela!'



Uhulumeni nabelaphi bendabuko bathuthukisa ukusokwa ngokuzikhethela kwabafana namadoda, nokusetshenziswa kwamajazi, ukusiza ekuvikeleni iHIV. Kubaluleki ukuthi wonke umuntu abe nolwazi ukuze akwazi ukuzithathela izinqumo eziphusile.

The government and traditional leaders are promoting voluntary medical circumcision of teenage boys and men, as well as condoms, to help prevent HIV. It is important that everyone has information to make the right choice for himself.

Isithombe/mage: www.virgin.com

18. Sipho goes to hospital

'Hello again. Did you have a good holiday? The week went so quickly, didn't it? I had a great time with my friends but Sipho didn't have so much fun. Dad took him to the hospital to get circumcised! He was looking very sorry for himself for a couple of days. The doctor said he must take plenty of fluids afterwards so Dad bought him some 2-litre bottles of cool drinks. That cheered him up!

'Hey, Sipho! How are you feeling now?'

'Hey, Nosipho, I am fine. But I am not coming to school today - I am going to the hospital for a check-up. Can you bring the goats in for me if

I don't get back in time?'

'Yes, OK. See you later.'

'Sipho! Sipho!'

'Yes Father. I'm coming'

'Are you ready to go?'

'Yes, Father.'

'OK, let's go and look for transport. While we are walking, I want to remind you of what we discussed last week. It is very important. Do you remember why the king is supporting the government call for boys and men to be circumcised?'

'Yes, father. It is to help prevent HIV.'

Phenya ikhasi/Turn the page

'Uqinisile Sipho. Kodwa isiza kanjani?'

'Uma indoda isokiwe unamathuba amancane okutheleleka nge-HIV uma elala nomuntu wesifazane.'

'Yebo. Kungabe lokho kusho ukuthi uma usokiwe sekufanele uqale ukulala nomuntu wesifazane?'

'Cha, Baba. Kufanele ulinde uze uthole umuntu omthandayo futhi usukulungele ukushada nokuthola abantwana.'

'Kuhle, Sipho. Uma usokiwe kungabe kusho ukuthi akufanele usebenzise ijazi lomkhwenyana (condom)?'

'Cha, Baba. Umuntu kufanele asebenzise ijazi ngoba asiza kakhulu ekuvikeleni i-HIV futhi akuvimbela ekukhuleliseni umuntu wesifazane uma ungakakulungeli ukuba nabantwana.'

'Ya mfana wami. Walalela kahle. Ngiyathemba ukuthi uzokugcina konke lokhu engqondweni njengoba ihlo lakho selisemantombazaneni hhayi ebholeni!'

'Baba...'

'Cha, Sipho, ngiqinisile. UMama wakho akajabule ukuthi usokiwe. Uthi usemncane, mina ngiyakugqugquzela ukuthi uqale ulale namantombazane. Ngicabanga ukuthi kungcono ukukwenza manje bese ngikufundisa ukuziphatha kahle. Ngifuna ukuthi ungikhombise ukuthi lokho kunjalo, ndodana.'

'Yebo Baba.'



'That's right Sipho. But how does it help?'

'If a man is circumcised he has less risk of being infected with HIV when he sleeps with a woman.'

'Yes. But does it mean that if you are circumcised you are a man and you must now start sleeping with a woman?'

'No, father. You must wait until you find the person you love and you are ready to marry and have children.'

'Good, Sipho. And if you are circumcised, does it mean that you do not need to use condoms?'

'No, father. A person must still use condoms because they provide the most protection against HIV and they stop you from making a woman pregnant when you are not ready to have children.'

'Yes, my boy. You listened well. Now I hope you will keep all this in mind now that your eye is on the girls and not on the ball!'

'Father...'

'No, Sipho, I am serious. Your mother is not happy that you are being circumcised. She says you are too young and I am encouraging you to start sleeping with girls. I think it is better to do it now and to teach you good behavior. I need you to prove me right, my son.'

'Yes, father.'

'OK, Sipho. This bakkie is stopping for us. Let's jump in!'

Izingxoxo

Asixoxe ngalendaba

1. Yini osuke wayizwa ngokusokwa?
2. Kukhona okunye ongathanda ukukwazi mayelana nokusokwa kanye nezempilo?
3. Ucabangani ngeziyalo uSipho azinikezwe uBaba wakhe?

Ekufanele sikwenze

Xoxisanani emaqenjini amabili (abafana namantombazane) ngezindlela abafana namantombazane abaphathana ngazo endaweni yangakini. Yiziphi izinto ezinhle kanye nezinkinga ngendlela abaziphethe ngayo. Iqembu ngalinye kufanele livumelana ngokuthi ubani ozothulela ikilasi ngokuvele ezingxoxweni zenu.

Discussion

Let's discuss the story

1. What have you heard about circumcision?
2. What else would you like to know about circumcision and health?
3. What do you think about the advice Sipho has been given by his father?

Activity

Have a discussion in two groups (boys and girls) about the way that boys and girls in your area treat each other. What are the good things and the problems about their behaviour. Each group should agree who will tell the class about the main things that come up in your discussion.